# *IZINHLONIPHO*

Kuze kwaba yisikhashana esedlule nje ngenkathi ngisuka esibhedlela, ngase ngithi nje ukukushiyela ezandleni zeNkosi, ukuthi uma—uma . . . ngazi ukuthi bengishe izwi kancane, ngoba nginomkhuhlane. Kodwa ngicabange ukuthi uma ngi . . . uma umama ubephile ngokwenele ukuba ngikwazi ukuza, ngani, bengizoba sezansi futhi ukuba nginivakashele. Ngoba, uma ngibona umuntu onjengomama elele lapho, futhi ngazi ukuthi laba abanye omama nobaba lapha, ukuthi sonke sifanele sifike kuleyondawo, niyabo, futhi ngicabanga ukuthi ngithokoza kangakanani ukuthi uselungele ukumuka.

2 Bese kuthi-ke, futhi enye into engifuna ukuyizwakalisa ebandleni. Ngikholwa ukuthi ngibone uDadewethu Wilson emuva lapho. Bese—bese kuthi-ke kukhona uDadewethu noMfowethu Sothmann lapha ndawo ndawo, mhlampe, endlini. Na—nabaningana benu lapha enikade ninikela ngosizo lwenu ukuba nihlalise umama ebusuku, nezinto ezinjalo, lokho ngukwethembeka okukhulu. Futhi ngiyakuthokozela konke lokho konke enikwenzile. Qiniso, umndeni ukhandlekile, niyazi, sihlala njalo ebusuku. Futhi njengamanje, iningi labo liyasebenza, ngakho nguMeda nami, noma—noma uDelores, futhi unabantwana esikoleni, futhi kuthi nje ukwenza kube l'khuni nje ukukwehlukanisa phakathi kwethu sobabili ngaleyondlela, futhi nje uthola ukukhandleka. Nje kul'khuni ukuthi ukwazi ukuhamba, futhi awukwazi ukwehlukanisa imini nobusuku, kul'khuni, ikakhulukazi uma usufinyelele cishe ezingeni lobudala uMeda nami esikulo, niyazi, aku—akuthathi ubusuku obuningi kakhulu ukuba kukukhandle uma usuthe ukuba mdadlana.

3 Ngakho, ngangivamise ukucabanga ukuthi ngangingakwazi nje ukuhlala imini nobusuku. Ngangehla ngivela eCalifornia ngeFodo yami endala ewuhlobo oluwu T, futhi ngangithi ukozela emgwaqeni, kungithatha cishe izinsuku ezine noma ezinhlanu, mhlawumbe izinsuku eziyisikhombisa, ukufika khona. Futhi ngangigibela ngihambe njalo, imini nobusuku. Futhi ngangithi ukukhathala kancane, ngiphose ublankethe wami phansi kwemoto, ngishayele ngiphumele enkangala, ngilale amahora athi awabe mabili bese ngiyaqhubeka. Sengishintshe kakhulu kusukela ngaleyonkathi, Mfowethu Neville. Ngiyaqonda nje ukuthi nje sengedlule iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ubudala, niyabo.

4 Futhi ngakho kuyi—yinhlanhla ukuba lapha endlini yeNkosi kulobubusuku. Futhi kulokhu ukusa ngibe namancane—amancane, amanothi ambalwa lapha ebengifuna

uku. . .Ebengi. . .iNkosi enginika wona. Futhi ngicabange ukuthi mhlawumbe ukuthi kulokhu ukusa, uma ngithole ithuba, bengizokhuluma ngakho ngaphambi kokuba ngibe nomkhuleko wabagulayo. Kodwa ngokuthi besesishiywe yisikhathi emibuzweni kulokhu ukusa, ngicabange ukuthi mhlawumbe, uma umama ubengcono, khona-ke mhlawumbe bekuzoba yisayini ukuthi bengizokwehla futhi kulobubusuku, mhlawumbe, futhi ngikhulume isikhashana kulobubusuku uma kungaluphazamisanga uhlelo lukaMfowethu Neville ndawondawo.

5 Futhi ngimi ekamelweni ngibe nje nobufakazi obumangalisayo enginikwa bona, mayelana nodadewethu ongumKristu onathi kulobubusuku. Ubesemgqeni womkhuleko kulokhu ukusa, futhi uyakhuleka, emele omuny'umuntu. Futhi ekamelweni lakhe, ikamelo elinobumnyama, naso *I—ISidlo sakuSihlwa seNkosi, ISidlo sakuSihlwa sokuGcina seNkosi.* Futhi kubekwe ngokuthi ilanga lingakwazi ukushaya ikamelo noma ngayiphi indawo. Futhi ngenkathi kusengelesithathu nqo kulentambama, leNdingilizi yokuKhanya eyabonakala lapha ngenkathi sesiqede ukushumayela ngemiNyaka yeBandla, kuphela kakhulu njengombala wothingo lwenkosikazi, njengalo, yafika ngqo phezu kwekhanda leNkosi uJesu. Awu, waYibhekisisa imizuzwana embalwa. Wayeseyahamba wayesetshela udadewabo, indlela engiyiqonda ngayo indaba, futhi—futhi bafika futhi kwabamangaza isikhathi eside, ihora noma okuthize. Base-ke bebiza umakhelwane, umfundisi, obekunguMfowethu Stricker ngapha, ukubona isimanga sakho esivelile. Futhi bahlala base bekubhekisisa, njalo kwaze kwaba elesihlanu noma into efana naleyo. Nomfundisi wacelwa ukuba akhuleke, futhi wezwa kuthi nje angakwazi ukukhuleka, noma into ethize.

6 Esikhashaneni esincanyana, omunye wanikeza umlayezo, (futhi bebekade benikeza ukuhumusha kwabo kokuthi bekuchaza ukuthini), nomlayezo wabuya, ngokukhuluma emlayezweni, futhi wathi bebeku "humusha ngokungesikho," abakunikezanga kahle. Ngicabanga ukuthi kunjalo, akunjalo, Dadewethu Bruce na? Abakunikezanga kahle. Wathi isibonakaliso ebesiyikho, bekungukubakhombisa, njengokuthokozela kwabo, ukuthi bebekholiwe nguMlayezo ophuma lapha uvela etaberanakele, kanjalo. Futhi wathi bazobona izinto ezinkulu kunale zenzeka, ukuthi bazobona ngisho neziNgelosi zenyuka, futhi zehla futhi zenyuka.

7 Ngakho siphila ezinsukwini zokugcina, futhi siseduze kwesikhathi sokugcina. Futhi ngi. . .Lokhu kuzwakala, kungezwakala kwesabisa kwabany'abantu, kodwa kumaKristu. Ngiyajabula ukuthi silapha. Ngi—ngiyajabula ukuthi sisekupheleni.

8 Ngake ngakusho lokho kanye emhlanganweni. Nomuntu ekhuluma kimi, wathi, "Usho ukuthini na? Usho ukuthi ubungajabula ukubona ukuphela kwezwe kufika na?"

Ngathi, "O, yebo, mnumzane!" Ngathi, "Impela!"

9 Wathi, "Awu, lokho akuzwakali kunomqondo, noma wubani obengafuna ukuphela kwezwe kufike."

10 Ngathi, "Ekupheleni kwezwe, isikhathi, uJesu uyafika, futhi YiLowo engifuna ukumbona." Ngase ngithi, "IBhayibheli lasho ukuthi, 'Bonke labo abathandayo ukubonakala kwaYo!' Niyabo?"

11 Futhi kuyintokozo ukwazi lokho, ukuthi lezizinto ezindala lapha, zokuphila, kuzokhawuka ngolunye lwalezizinsuku, futhi sizo—sizoMbona.

12 Kodwa ngesikhathi esithize esedlule, kwashiwo ezansi e... O, eminyakeni eminingi eyedlula, ngenkathi besenokugqilazana. Futhi kwakukhona i—indoda endala eyikhaladi eyayi... yayivamise ukuba nemiculo yebandla emidala, imiculo yasemaphandleni. Babebuthana ndawonye futhi babekhonzisa phakathi kwezigqila, futhi bashumayele, niyazi, futhi babeyaye babe nomhlangano. Futhi ngobunye ubusuku kwakukhona umfo omdala lapho owasindiswa. Futhi kwathi esesindisiwe, wazi ukuthi wayesekhululekile-ke. Ngakho uqala ukutshela ezinye izigqila, ngakusasa, emasimini, wathi, "Sengikhululekile."

13 Ngakho ubasi wakhe weza wayesemdonsela ngaphakathi, wathi, "Manje, buka lapha, Sam." Wathi, "Yini le engizwa kuthiwa uyayisho phakathi kwezigqila, ukuthi usukhululekile na?"

14 Wathi, "Yebo, basi." Wathi, "Yiqiniso lelo." Wathi, "Emhlanganweni izolo ebusuku, ngikhululiwe emthethweni wesono nokufa." Yilokho-ke. Yilokho-ke.

15 Umthetho wokufa nesono, ngikhululiwe kukho. Wake waboshwa lapho, uyabo, kodwa manje usukhululiwe kulokho. Niyabo? Njengoba ngishilo kulokhu ukusa, ukufa kuphela kuhlala esonweni. Isono nokufa kuyafana, niyabo. Kodwa uma ukude nesono, ukude nokufa; kodwa ngenkathi usesesonweni, usekufeni. Niyabo? Futhi ngakho-ke uma ukhululekile emthethweni wesono nokufa, uyisidalwa esisha kuKristu Jesu, manje-ke usukhululekile.

16 Nobasi wakhe wathi kuye, wathi, "Sam, ukusho ngempela lokho na?"

17 Wathi, "Yebo, mnumzane." Wayesethi, "INkosi ingibizile izolo ebusuku ukuba ngixoxe kubantu bakithi, futhi ngikhulume kubo, ukuthi bangakhululeka emthethweni wesono nokufa. Nakuba sasiyizigqila, nokho singakhululeka emthethweni wesono nokufa."

Wathi, "Sam, ukusho ngempela lokho na?"

18 Wathi, "Basi, angazi ukuthi uzokwenzenjani ngami emva kokuba ngisho lokhu, kodwa bengi—ngikutshela, sengiyindoda ekhululekileyo." Wathi, "Ngikhululekile emthethweni wesono nokufa."

19 Wayesethi, "Sam, ngingumKristu, nami, uyazi. Futhi ngenxa yokuthi une. . . UNkulunkulu ukukhululile esonweni nasekufeni, futhi ungumKristu, futhi uyazizwa ukuthi ufuna ukutshela abazalwane bakho ngakho, ngiyehla kulokhu ukusa futhi ngikukhulule, bese ngisayina isaziso esiyisimemezelo. Futhi usungaba yindoda ekhululekile, ungasaboshwe-muntu, ukushumayela iVangeli kubazalwane bakho."

20 Wathi umfo omdala washumayela iminyaka eminingi, ningi. Futhi ngesinye isikhathi-ke, kamuva, njengoba sonke senza, sifika ezansi ekugcineni kwendlela yethu. Futhi uma sesifika ekupheleni kweyethu. . . endleleni yakhe, ngenkathi esekwenza, uyehla. Futhi walala equlekile, bathi, cishe mhlawumbe, o, amahora amaningana. Nabaningi babazalwane bakhe abamhlophe bangena ukuzomvakashela. Futhi kwenzeka kwabakhona iqembu labo endlini ngenkathi evuka, kubuya umqondo kuye. Waqalaza, wathi, "Nisho ukuthi bengingakaweleli lapho okwamanje na?"

Base bethi, "Sam, kade ulele."

21 Wathi, "Qhabo." Wathi, "Kade ngingalele." Wathi, "Bengingale ngaphesheya."

22 Ngani, bathi, abazalwane abangabefundisi bathi, "Sam, sitshele ukuthi uboneni ngaphesheya."

23 Wathi, "Awu," wathi, "Ngihambe ngangena kwelikhulu isango elimhlophe leparele," wayesethi, "ngenkathi ngingena lapho," wathi, "Ngibone isiHlalo sobukhosi, ngase ngibona Yena." Wayesethi, "Phezulu kufika iNgelosi, Yathi, 'UnguSam na?'"

Wathi, "Nginguye."

24 Yathi, "Sam," yathi, "nansi i—ingubo ende nomqhele." Yathi, "Ukuzuzile lokhu, Sam, ngemisebenzi emikhulu oyenzile emhlabeni.'

25 Wathi, "Ungakhulumi kimi ngengubo ende nomqhele womvuzo."

Yathi, "Uthandani ibe ngumvuzo na?"

Wathi, "Ake ngiMbuke nje iminyaka eyinkulungwane."

26 Ngicabanga ukuthi sonke sizwa ngaleyondlela, anizwa ngayo na? A—angifuni-zingubo ezinde nemiqhele nezindlu zobukhosi, ngithanda nje ukuMbuka. Ngithanda nje ukuba nje ngiMbuke. Futhi nje, niyazi, ningethande nje. . . Ngithanda ukubamba isandla sakho ngenkathi ngisakwenza, Mfowethu Neville. Besingakwenza kanyekanye, sithi, "Kucabange nje,

Mfowethu Neville, ukuthi sahlala kanjani etabernakele, kushisa futhi kubanda, nezinto. Kodwa buka lapha ukuthi sibukani, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo." Kungebeyisimangaliso leso, ukubuka nje bese ubona izimo zaKhe!

27 Mina, sekukabili empilweni yami manje, kukathathu, ngike ngaMbona embonweni. Ubukeka efana ngaso sonke isikhathi. Kodwa ayikho ingcweti engumdwebi ezweni eyayingake idwebe isithombe saKhe. Bangahle badwebe okuthize okungahle kubukeke kufana naYe. Kodwa Wayebukeka, kimi, Wayengaba nguMuntu uma Wayengake akhulume izwe lalingafika ekupheleni, futhi nokho umnandi kakhulu futhi uyathandeka, ukuthi nje akukho . . . ziningi kakhulu nje izimilo lapho ibrashi lengcweti yokudweba ebelingake lizibambe. Futhi impela ngifuna ukuMbona ngoluny'usuku, enguMuntu.

28 Futhi kaningi bengicabanga, lapho, ngangingathanda ukuMuzwa lapho Eneka lezozandla ezilugugu wayesethi, "Zanini kiMi." Ngibona lokho okukhathele, ukubukeka okukhandlekile kuYe, ngenkathi Ekhathele futhi ekhandlekile ohambweni lwaKhe, ethi, "Zanini kiMi, nonke nina enikhatheleyo, nenisindwayo, Ngiyakuniphumuza. Thwalani ijoka laMi, nifunde kiMi, ngokuba Ngimnene ngithobile." Ngangingathanda ukuMuzwa esho lokho. Ngangingekho lapho ngalolosuku. Ngangingamile noPetru, uJakobe, noJohane. Kodwa ngethemba ukuthi ngimi ngakubo ngosuku lapho engingaMuzwa khona ethi, "Kwenziwa kahle, nceku yaMi enhle nethembekileyo, manje ngena ezintokozweni zeNkosi."

29 Nokucabanga ukuthi bona impela abaloba leliBhayibheli, uPawulu, uIsaya, uJeremiya, nabo bonke labobaphostoli, nalabobazalwane abangamagugu, noma ngabe bakuphi manje, noma ngabe bakuphi manje . . . Yena lowoNkulunkulu owasebenzana nabo ukubona izinto zingakenzeki futhi baLiloba, kanjalonjalo, futhi wabapha iziphiwo zeBhayibheli, isiprofetho nokukhuluma ngezilimi, nezibonakaliso nezimanga, kanjalonjalo. Lawomadoda afanayo, noma ngabe akuphi manje, sizoba nawo. UNkulunkulu ofanayo nento efanayo. Akusikho ukuthi "ukuqagela kanjalo" nhlobo, sesiyakwazi manje, niyabo, ngoba Ukhona ngempela futhi siyazi ukuthi kunjalo. Ngakho singabi yini ngabantu abajabule kunabo bonke emhlabeni na? Ini, yikuphi okunye ebesingakulangazelela na?

30 Bengikhuluma kulentambama endodeni esikhulile, cishe, ngicabanga ukuthi ithe ibinamashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili noma iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye ubudala, ebisanda nje kuba ngumKristu. Ngayibhaphathiza eGameni likaJesu Kristu, ngenkathi ingagqoke lutho kuphela isudu yayo yanjalo ngeSonto. Ngayithatha lapha ngayifaka emanzini. Ngicabanga ukuthi uMfowethu Wood wayinika ibhulukwe noma okuthize, futhi sayibhaphathiza lapha emanzini. Futhi yangitshela,

ngenkathi isengumfana . . . Isithi ayibe yindoda enothile manje. Futhi yona, ngenkathi isengumfana, yasho ukuthi yayiwasebenzela kanjani amadola angamashumi amathathu ngenyanga. Ayizange iganwe noma yini yaze yaba yikhehla. Futhi yasho ukuthi yasilangazelela kanjani isikhathi lapho yayizoba ndala khona ingabe isadingeka ukuba inxibe futhi ilale emgwaqeni. Ukuthi yabathatha kanjani ozuka abancane nezinto eyayibonga, futhi yabenza basebenza, futhi basebenza ngempela futhi banda kakhulu. Futhi yenza . . . Futhi manje nanso manje, isineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nento ubudala, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili noma amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye, ngicabanga ukuthi yathi, isondele impela emashumini ayisishiyagalolunye, isakwazi ukuhamba, ihlezi khona lapha ebandleni kulokhu ukusa. Futhi manje isilungise ngokwenele ngangokuthi ngeke isakhathazeka. Uma iphila eminye iminyaka eyikhulu, ibingeke idinge ukuthi ikhathazeke uma sekuza kwezezimali nokunye kanjalo. Onenhliziyo enhle, ongcwele olungileyo, umfowethu, wenzela amaKristu yonke into, nezinto aziyo ukuthi zenziwa kanjani.

31 Ngase ngithi-ke, "Futhi ngaphezu kwakho konke lokho, mfowethu oyigugu, ngenkathi nokho usenamashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili noma iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa ubudala, uNkulunkulu, emseni waKhe, wafinyelela phansi futhi ukupha ukuPhila okuPhakade eKhaya laseZulwini." Yini enye obungabe usayifuna ukuzungeza impilo na? Yebo, mnumzane.

32 Nakho konke okwengcebo ebesingakwandisa, zonke izinto ebesingazenza emhlabeni, akunandaba ukuthi ziyini, ukuthi umuntu wenzeni, ufanele ufe futhi ukushiye konke nokunci kwakho.

> Ungafisi ingcebo yalelizwe eyize,
> Ebuthuka ngokushesha kangaka,
> Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
> Azisoze zedlula!

33 Kunjalo. *Bambelela eSandleni sikaNkulunkulu Esingaguqukiyo*. Ngiyalithanda leloculo. Sasivamise ukulicula lelo lapha etabernakele kakhulu impela.

> Isikhathi sigcwele ukuguquka okusheshayo,
> Akukho lutho okomhlaba okunganyakazi okungama,
> Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

34 Nakho kulele umama wami omdala phandle lapho kulobubusuku. Ukuba benginamadola ayikhulu lezigidi, bengiyonikela ngabobonke openi balo ukuba ngikhulume kuye

ihora. Bengizokwenza. Impela. Ukuba-ke yena ubenamadola ayikhulu lezigidi, bekuzomsiza ngani manje na? Lutho, niyabo. Lezozinto anazo, akashiyi-magugu asemhlabeni. Kodwa, ushiya lokhu, uyayazi iNkosi uJesu njengoMsindisi wakhe. Yileyo into enkulu.

35 Ebusweni balokhu, ngi . . . Sonke asithathe uhlu oluqukethe impahla yethu uqobo kulobubusuku. Ake sicabange nje ngaphambi kokuba siye emkhulekweni, "Kunjani ukuma kwami—kwami kulobubusuku noNkulunkulu na?" Asihlolisise ezinhliziyweni zethu futhi sithole. "Nkosi, uma ngilimaze noma yimuphi umphefumulo namhlanje uma ngibangele olunye unyawo ukuba luduke, noma ngabe yini engiyenzile noma ngayisho ebiyiphutha, O Nkulunkulu, ngithethelele ngakho." Niyabo? Aku . . .

> Ukholo lwami lubuka phezulu kuWe,
> Wena Wundlu laseKalvari,
> Msindisi oMkhulu;
> Manje ngizwe ngisakhuleka,
> Susa lonke icala lami,
> Futhi makuthi mina kusukela namuhla
> Ngibe ngowaKho ngokuphelele!
>
> Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama kwempilo,
> Nezinsizi zanda macala onke kimi,
> Yiba Wena nguMholi wami;
> Yala ubumnyama buphenduke imini,
> Sula ukudabuka, ukwesaba,
> Ungangivumeli nanini ngiduke
> Ngisuke eceleni kwaKho.

36 Ngigcine ngisendleleni yezinyawo, Nkosi. Ngigcine ngisesenta yentando yaKho. Abancane nabadala, asazi ukuthi ungahle ukuba umdala kangakanani, futhi nokho ungahle ube neminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, futhi uma uphile kwaze kwaba sekuseni, uyophila wedlule abaningi umfana nentombazane abaneminyaka eyishumi nesithupha ubudala. Kuzoba nabaningi umfana nentombazane abaneminyaka eyishumi nesithupha ubudala abazohamba bayohlangabezana noNkulunkulu ngaphambi kokuba kuse ekuseni. Kunjalo. Ngakho ubudala abuhlangene ngalutho nakho. Into okuyiyo yakho ngukuthi, usukulungele ukuhlangabezana naYe na? Yileyo into enkulu.

37 Ake sicabange ngalezizinto manje sisakhuleka, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

38 O Baba wokuPhila onomusa noNgcwele noHloniphayo, siza eBukhoneni baKho, Nkulunkulu uSomandla, ukubonga okuvela phansi ekugcineni kwenhliziyo yethu, ukuthi sinenhlanhla yokuhlala lapha kulobubusuku. Ngihamba ngezinyawo ngehla

ngenyuka kulesosibhedlela esikhashaneni esedlule, futhi ngibuka phakathi lapho, nabantu abebequlekile, abanye babo bopha igazi futhi bekhala, nabanye besangene ikhanda futhi beboshelwe ngamabhande embhedeni. O Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi yilowo nalowo wabo uselungele, Baba, ukuthi bazokulungela ukuhlangabezana naWe uma kwenzeka bephuma kulokhu ukuphila. Nokucabanga, Nkosi, ukuthi lowo kungaba yithi, sonke lapha, ukuba bekungenganxa yomusa waKho. Kodwa Usivumele saphila ukuba size sibuthane ndawonye futhi kulobubusuku, ukwenza amalungiselelo. Lezozinto zedlula ezinhliziyweni zethu nasezingqondweni manje, Nkosi. Futhi ngenkathi Usahlolisisa izinso zenhliziyo yethu, uma kubakhona nayiphi into engahlanzekile ngathi, Nkosi, isuse, Baba. Nkulunkulu, sehlukanisele imiphefumulo yethu kuWe.

39 SiyaKubonga ngakho konke lokho Okwenzile nalokho esikholwa ukuthi Uzokwenza. Nangalokho kubonakala kokuKhanya namhlanje ezansi lapho ekhaya likaDadewethu Bruce, ngiyaKubonga ngalokho, Nkosi, Kuzobanika amandla.

40 Futhi manje, Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzosipha kulobubusuku ukuba imiphefumulo yethu ikwazi ukuqhubeka njalo ngokuba ihlunyeleliswe eBukhoneni baKho lapha kulelitabernakele. SiyaKubonga, Baba, ngalelitabernakele. SiyaKubonga ngalomelusi walo lapha, owethu uMfowethu Neville, indoda yokuzithoba, indoda enesithunzi, indoda egcwele uthando lukaNkulunkulu ngoKristu nolweBandla laKhe. Ngikhulekela ukuthi Uzombusisa, nesakhe esithandekayo, isithandwa esincane, nabantwana bakhe. Futhi, Nkosi, kwangathi bangahlala isikhathi eside phakathi kwethu lapha emhlabeni. Kwenze. Vimba ukugula emnyango wabo, futhi ubagcine bephilile. Vimba ukugula kuyo yonke iminyango yethu, Nkosi, sigcine siphilile ukuze sikwazi ukuKukhonza.

41 Futhi manje sibeka imiphefumulo yethu phezu kwe altare, ukuba ihlolwe manje, njengoba ngivula amehlo ami emizuzwini embalwa ukuba ngifunde iZwi laKho, uma kuba yintando yaKho, futhi unkatha ludla mina kulobubusuku ukuba ngizame ukuhlephula iSinkwa sokuPhila kubantu. Manje, Nkosi, ngisize ukuba ngisho into ethize ezosiza othize ohluphekile, umphefumulo okhandlekile lapha kulobubusuku. Usize ukuze nawo ube ngamazwi okuqondisa, ukuze sazi ukuthi sifanele siziphathe kanjani uqobo lwethu, ukuthi yini esifanele siyenze nokuthi sifanele siphile kanjani kulelizwe lamanje, uma sibheke ukwenza iZulu libe yiKhaya lethu. Siphe khona, Nkosi. Futhi philisa ukugula. Uma ekhona phakathi kwethu, Nkosi, ogulayo, sikhulekela ukuthi Uzokuphilisa. Qinisa labo abakhandlekile. Siyabakhulekela.

42 Asikhulekeli lelibandla kuphela, kodwa amanye amabandla emhlabeni jikelele lapho umkhuleko wenziwa khona

nezinxuso phambi kukaNkulunkulu, nabaningi bamashumi ezinkulungwane zabangcwele abanhliziyo-zilambile bekhala, "Woza, Nkosi Jesu, woza!" O, impela Uzokuzwa ukukhala kwethu, Nkosi, ngoluny'usuku, futhi uyokuza.

43 Uma kuwunkatha lwethu ukuba silale ngaphambi kwalokho kufika, ukuFika kuyilokhu, siyazi ukuthi icilongo liyokhala nabafileyo kuKristu bayovuka kuqala. Siyophuma futhi siyoma eBukhoneni baKho ngoluny'usuku. SiyaKubonga ngalokhu, futhi silindele lesosikhathi, futhi manje lungiselela izinhliziyo zethu. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

44 Manje, angikubhekile ukukhuluma isikhathi eside kakhulu kulobubusuku, mhlawumbe imizuzu engamashumi amathathu, noma amashumi amane, phezu kwendaba encane lapha, engithanda kuqala ukufunda umBhalo otholakala eNcwadini yamaHubo. AmaHubo 105, futhi ngifunde ngehlele evesini 15, nalo. Ngisafunda leliHubo, ngifuna nilalelisise impela ekufundweni kweZwi, ngoba iZwi likaNkulunkulu alisoze lehluleke.

> *O bongani oyiNkosi; nibize igama lakhe: nizazise phakathi kwabantu izenzo zakhe.*

Manje cabangani ngalokho nje!

> *. . .bongani oyiNkosi; nibize igama lakhe: nizazise phakathi kwabantu* isenzo *zakhe.*
>
> *Hlabelelani kuye, nimhubele: nikhulume ngezimangaliso zakhe.*
>
> *Zibongeni egameni lakhe elingcwele: mazithokoze izinhliziyo zabamfuna oyiNkosi.*
>
> *Funani oyiNkosi, namandla akhe: nifunisise ubuso bakhe njalo.*
>
> *Khumbulani izimangaliso zakhe azenzileyo; nezibonakaliso zakhe, ne*sahlulelo *zomlomo wakhe;*
>
> *O nina-nzalo ka-Abrahama inceku yakhe, ninababantwana bakaJakobe abakhethiweyo bakhe.*
>
> *Yena uyiNkosi uNkulunkulu wethu: izahlulelo zakhe zisemhlabeni wonke.*
>
> *Ukhumbule isivumelwano sakhe kuze kube-phakade, izwi ayala ngalo* isizukulwane *eziyinkulungwane.*
>
> *Avumelana kuso noAbrahama, nesifungo sakhe kuIsaka;*
>
> *Wasiqinisa kuJakobe saba-ngumthetho, nakuIsrayeli saba-yisivumelwano esiphakade:*
>
> *Ethi, Ngizakukunika izwe laseKhanani, libe yisabelo sefa lakho:*

> *Lapho babe* labo. . .*Lapho—lapho babeyingcosana ngomumo; yebo, lapho babeyingcosana, futhi babeyizihambi kulo.*
>
> *Bazulazula* bephuma *ezizweni ngezizwe, futhi besuka kulombuso beya kwabanye* . . .
>
> *Akavumelanga-muntu ukubahlupha: yebo, wajezisa amakhosi ngenxa yabo;*
>
> *Ethi, Ningathinti abagcotshiweyo bami, ningoni abaprofethi bami.*

45 Ngifuna ukuthatha indaba lapho, yokuthi: *Izinhlonipho*. Ngifunda lapha, uDavide ekhala eNkosini. Izinhlonipho yilokho esikukweleta kuNkulunkulu. Futhi yileyonto eyodwa engithanda, ukubholela lokhu enhliziyweni yawo wonke umuntu lapha kulobubusuku, ukuthi, kuzo zonke izinto esizibona zenzeka, sifanele sikunikeze izinhlonipho. Niyabo, sifanele sikuhloniphe. NoDavide washo ukuthi ngenkathi beyingcosana impela abantu bakwaIsrayeli, mhlampe uAbrahama, uIsaka, noJakobe, ayikheluma ngabo, amadoda ayingcosana impela, Akhuza izizwe namakhosi ngawo. UNkulunkulu wakhuza izizwe namakhosi, ethi, "Ningabathinti abagcotshiweyo baMi, futhi ningoni abaprofethi baMi."

46 Ngale kuMshumayeli, isahluko 12 nevesi 13, kulotshwe kanje, niyabo.

> *Nakhu ukuphela kwendaba lapho sekuzwakele konke: Mesabe uNkulunkulu ugcine imiyalo yaKhe, ngokuba lokho kungokwabantu* ngokugcwere.

47 Ukuphela kwendaba yonke "ngukumesaba uNkulunkulu." Futhi, uma, ungeke waba nezinhlonipho uze ukuba usunokwesaba. Ufanele ube nokumesaba uNkulunkulu. USolomoni washo futhi, eZageni, ukuthi:

> *Ukumesaba uNkulunkulu kungukuqala kokuhlakanipha:*
>
> *Ukumesaba uNkulunkulu kungukuqala kokuhlakanipha*:

48 Manje, lokho akusho ukuthi uyaMesaba, kodwa lokho kusho ukuthi uMnika "izinhlonipho" ne "nhlonipho." Futhi uma uhlonipha uNkulunkulu, wesaba uNkulunkulu. Wesaba ukuthi ungahle ungaMthokozisi ngandlela thize, uyesaba funa wenze into engalungile. Obungefune ukuyenza.

49 Ngiyamesaba umama wami. Ngiyamesaba umkami—mi. Ngiyalesaba ibandla lami. Ngiyazesaba zonke izinceku zikaNkulunkulu, funa ngibeke itshe lesikhubekiso ndawondawo endleleni yabo. Ngi—ngiyabesaba abantu. Ngiyabesaba abantu bedolobha, funa ngenze okungalungile okuzobabangela ukuba bacabange ukuthi bengingesuyena umKristu.

50 Niyabo, ufanele, ngaphambi kokuba ube nezinhlonipho, ufanele ube nokwesaba. NoNkulunkulu uyifuna impela, Uzifuna impela izinhlonipho. UNkulunkulu uyazifuna impela, Uyayifuna impela. Nokwesaba kuyayiletha. Futhi siyazi ukuthi ukwesaba kuletha izinhlonipho.

51 Manje, thatha isibonelo nje, indoda, ingumlimi noma mhlawumbe iyi—iyisisebenzi sasesitolo, futhi ayinakwe-muntu. Kodwa ake ithole umsebenzi embuthweni wamaphoyisa bese iza yehla ngomgwaqo, futhi njenge—ngephoyisa futhi ifake ibheji yayo nenyumfomu, (lapho, mhlawumbe bekungekho-muntu obengakhuluma kuyo ngayizolo), "Halo, lapho, John! Unjani?" Niyabo? Kungani na? Kuwuhlobo lovalo, noma ukwesaba, noma inhlonipho, ngenxa yakho. Mhlawumbe ithola ukuthi ikhethwe ukuba ibe yimeya yedolobha, noma mhlawumbe . . .

52 Ubeyoba wubani uMongameli Kennedy kulobubusuku, ukuba ubengesuye uMongameli Kennedy na? Ukuba-ke ube yindoda efanayo nje ayiyo, kodwa nokho wayeyisisebenzi esasisebenza kwaColgate ezansi lapha esebenzela amadola angamashumi amane ngeviki na? Niyabo? Ubengafika edolobheni lapha futhi ubengezukunakwa-muntu kangako, kuphela labo azana nabo. Kodwa, ngokuthi unguMongameli waseUnited States, imfanele inhlonipho, niyabo.

53 Futhi lokho, nangenxa yokuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu, Imfanele inhlonipho. Kunjalo. Futhi Yena, sifanele siMhloniphe, futhi siMnike ukwesaba. Nalokho kuletha inhlonipho. UNkulunkulu uzifunele Yena impela lokho nokwezinceku zaKhe zonke. UNkulunkulu ufuna impela izinhlonipho kwenzelwe izinceku zaKhe. Yena, izinceku zaKhe, sazi kanjani ukuthi ziyizinceku zaKhe, ngoba Uqinisekisa lezizinceku ngeZwi laKhe. Uthatha lezizinceku bese ezenza izinceku zikaNkulunkulu, bese efakazisa ukuthi ziyizinceku, ngokwenza iZwi laKhe lisebenze ngazo izinceku. Manjena-ke lapho uhlonipha leyonceku, uhlonipha uNkulunkulu. Ngakho uma ngihlonipha wena nawe uhlonipha mina, futhi sihloniphana, khona-ke sihlonipha uNkulunkulu.

54 Akashongo yini uJesu, "Enikwenzile kwabancinyane balaba, abancane baMi, nikwenzile kiMi. Futhi kungcono kuwe ukuba itshe lokusila liboshelwe entanyeni yakho, futhi uminziswe ezinjulweni zolwandle, kunokuba ukhube omunye walaba. Ngokuba Ngithi kini, bhekani ubuso babo . . . Izingelosi zabo zibheka njalo ubuso bukaBaba waMi oseZulwini"? Manje, siyazi ukuthi banjalo, ukuthi thina, singabantwana bakaNkulunkulu, ukuthi siyingxenye kaNkulunkulu. NoNkulunkulu uyifuna impela lenhlonipho. Bese-ke uNkulunkulu eyakhombisa ukuthi abantwana baKhe bangobani. U—Ukukhombisa ngezimanga nezibonakaliso, nokuthi kuyenziwa.

55 Manje, sizoqala manje futhi sibizele embuzweni abanye balababantu. Manje, ukuba bengizothi, ngoyedwa, ukuqala ngaye, Bengizocabanga ngo—ngo... Asithathe uNowa, okwesikhashana. Manje, uNowa wayenesambulo esivela kuNkulunkulu, nokho sasiphambene nanoma yini isayense eyayingakufakazela ukuthi kuyiqiniso. Kepha nokho wayekhulume kuNkulunkulu, noNkulunkulu wayekhulume kuye. Futhi wayehamba elungisa umkhumbi. Lapho, abaklolodayo nabahleka usulu, njengoba iBhayibheli lasho ukuthi bayoba khona ngezinsuku zokugcina njengoba babekhona ngalezozinsuku, ukuthi labo abaklolodayo baklolodela uNowa. Ngani, babecabanga ukuthi wayesangene ikhanda ngoba wayakha umkhumbi. Ngakho, kodwa uNkulunkulu waletha ukwahlulela phezu kwalabo baklolodeli, ngoba abasilalelanga isithunywa sikaNkulunkulu futhi beze bangene kulowomkhumbi phansi kokushumayela kwakhe, uNkulunkulu wayese-ke ethumela izahlulelo zaKhe zaPhezulu emhlabeni. Kuqala Wenza amalungiselelo abo bonke labo ababezokwemukela, ukuba baphunyuke kukho, bese kuthi-ke uma bengaphunyukanga kukho, yinye kuphela into esele. Uma bengayikuwathatha amalungiselelo kaNkulunkulu okuphunyuka, manje-ke kukhona into eyodwa kuphela esele, leyo ngukwahlulelwa kwaPhezulu.

56 Ungenza kuphela izinto ezimbili, kubekwe phakathi kokuthi umusa noma ukwahlulelwa. Ufanele wemukele okukodwa noma okunye. Yilapho esimi khona kulobubusuku. Kuphakathi kokuthi sithatha umusa kaNkulunkulu noma sima ekwahluleleni kwaKhe. Ayikho nje indlela yokukuzungeza. UNkulunkulu njalo wenza indlela yokuphunyuka kulabo abafisa ukuphunyuka. Manjena-ke Une... Okusele, kuzofanele kume ekwahlulelweni. Hhayi ngoba uNkulunkulu ufuna babe njalo, kodwa ngoba bakhethe leyondlela bona uqobo. Niyabo, bazenzela ukukhetha kwabo. Yilapho esimi khona kulobubusuku, bangane, into efanayo. Kungaba phakathi kokuthi sithatha indlela kaNkulunkulu yokuphunyuka, noma singama ezahlulelweni zaKhe, okukodwa esifuna ukukwenza. Anijabuli yini kulobubusuku ukuthi nithathe indlela yokuphunyuka na? Ngoba, wonke lowo owala indlela yokuphunyuka, uzofanele eze phansi kokwahlulelwa.

57 Bese kubakhona enye indoda engithanda ukukhuluma ngayo. Kwakukhona omkhulu, umprofethi onamandla ogama linguMose. Abantu (uIsrayeli) wayefanele aqonde, ngokomBhalo, ukuthi uNkulunkulu wayezobakhulula futhi wayezobakhipha eGibhithe. Kodwa kwathi nje uNkulunkulu angathola indoda yaKhe isilungele wayeseyithumela ezansi iyongena eGibhithe, babengenazinhlonipho ngayo. Bayixosha, base bethi, “Uzosibulala njengoba wenza kowaseGibhithe na?” okwababangela ukuba bahlale ebugqilini eminye iminyaka

engamashumi amane eyengeziwe. Bahlala ebugqilini ngoba bala ukuhlonipha umkhululi ofikela ukuzobakhulula. Lokho kwababuyisela ebugqilini futhi. Hhayi ngoba uNkulunkulu wayefuna bahlale, (isikhathi sasikahle impela), kodwa bahlala iminyaka engamashumi amane ngaphezulu ngoba bala ukwemukela indlela kaNkulunkulu yokuphunyuka.

58 Ngikholwa kanjalo impela ukuthi yileyo indaba kulobubusuku. Into efanayo, niyabo.

59 Ukuthi bayala indlela yokuphuma, noNkulunkulu wayephokophele, futhi wayemtshelile uAbrahama nabo esivumelwaneni saKhe (njengoba sifundile uDavide ecula ngakho kulobubusuku), Wayebathembisile ukuthi Wayezokwenza into ethize, ngakho uNkulunkulu uzosigcina isithembiso saKhe. Wayezobakhipha, noma ikanjani, kodwa mhlampe cishe esinye isizukulwane safa saphela. Isizukulwane esidala esahleka uMose, kanjalonjalo, futhi asangawemukela uMlayezo, lesosizukulwane (amashumi amane) safa saphela, noMose ungena kwesinye isizukulwane. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Uma bengawemukeli, khona-ke uNkulunkulu uyodedela lesosizukulwane sicishe futhi Uyongenisa esinye isizukulwane ukuba sikwenze. Ngakho, babewalile. Bese-ke sithola ukuthi, lesisizukulwane esilandelayo esiqubukayo, ngenkathi uMose ehlela lapho ukuba aziqinisekise . . .

60 Niyazi, uMose wayesaba ukwehla futhi. UMose wayeseneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala manje, futhi kwase kuyiminyaka engamashumi amane ahamba. Futhi ngenkathi ekhuluma noNkulunkulu esihlahleni esivuthayo, wathi, “Ngiyobatshela ukuthi ngithunywe ngubani na?” UNkulunkulu wayengenagama. Wathi, “Ngiyobatshela ukuthi ngithunywe ngubani na?” Wathi, “Uma ngithi, ‘UNkulunkulu wawoyihlo ubonakele kimi,’ bayothi, ‘Ubani uNkulunkulu wawobaba bethu na?’ Awu, ngiyobatshela ukuthini na?”

61 Wathi, “Ubatshele ukuthi ‘NGINGUYE ENGINGUYE.’ Ubatshele ukuthi ‘NGINGUYE ENGINGUYE.’” Futhi Wathi, “Kuyini lokhu okusesandleni sakho, Mose na?”

62 Wathi, “Induku.” Wayeseyiphosa phansi futhi yaphenduka inyoka. Wayesefaka isandla sakhe esifubeni sakhe, saphenduka uchoko; wayesesibuyisela emuva, futhi saphila.

63 Wathi, “Yehla, bese uthatha lezizibonakaliso bese uyazenza phambi kwabantu, futhi kuyoba yisiqinisekiso. Bayokwazi ngalezizibonakaliso ukuthi Ngikuthumele ukukhulula.” O, mfowethu! UNkulunkulu njalo uyakwenza lokho. UNkulunkulu njalo unikeza izibonakaliso ezingaphezu kwemvelo. Niyabo?

64 Futhi manje ngenkathi ehla futhi wabiza abantu, futhi wazenza izibonakaliso zakhe phambi kwabo, wonke uIsrayeli

wakholwa, wonke. Futhi baqonda ngqo ehlala-nkosi, futhi, ngokukhululwa. Kwase kuthi-ke uFaro wanquma ukuthi akazukubanika ukukhululwa, noNkulunkulu waphendulela ukwahlulela wakudedela phezu kukaFaro. Futhi siyazi ukuthi kwenzekani eGibhithe.

65 Kuyaxaka, emva kokuba sebebone zonke lezozibonakaliso zenzeka, base-ke befika oLwandle oluBomvu, futhi bathola ukuthi yena impela uNkulunkulu owayekade enze zonke lezozibonakaliso, lapha oLwandle oluBomvu, bamngabaza uNkulunkulu, yona impela into yokuqala, ukuthi Wayekwazi ukwenza indlela yokuphunyuka.

66 Manje, yilapho esenza khona iphutha lethu. Uma ukugula okuncane kusishaya, uma inhlekelele encane, noma inkathazo encane ishaya ndawondawo endleleni, khona-ke sisuke siwe. Ophendukile osemusha; omunye uyohlekisa ngaye, athi, "Awu, awulutho kuphela ungumgingqiki ongcwele."

67 "Awu, ngiyakuzonda ukubizwa ngomgingqiki ongcwele." Uyabo, uyabo, nakho lapho okhona, uthola lokho kungabaza.

68 Yilesosikhathi sokuma lapho! Yilesosikhathi sokuhlonipha isithunywa. Yilesosikhathi so—sokunika uNkulunkulu udumo.

69 NoMose wathi, "Sengizenzile lezi, vele, izimangaliso eziyishumi phambi kwenu. Futhi uNkulunkulu uninika izimangaliso eziyishumi, manje-ke seniyesaba olwandle. Impela. Kuyothatha okuningi kangakanani okunye kini ukuba nikholwe na?" Wahamba wabuyela emuva, wayesethatha intonga yakhe wase eyibamba phambi kolwandle, neziphepho zehla sase sibhenguza ngapheseya kwelinye icala, base bewela. Futhi bathi nje bangawelela lapho, masinyane baqala ukukhononda ukuthi babengenasinkwa. Niyabo, into efanayo nje. UNkulunkulu wayesenisa isinkwa-ke sivela emazulwini enzela bona. Base bekhononda ukuthi babengenamanzi, futhi ukukhononda nje kulandelana. Futhi ngiyaqaphela . . .

70 Nina nithi, "Awu, mhlawumbe babewuhlobo olungaphendukile." Awu, mhlawumbe babeyilo. Kwakukhona ingxubevange eyahamba nabo, qiniso.

71 Kodwa ngifuna ukuletha enye into ukuba niyi—niyikhumbule. Uma uNkulunkulu athuma isithunywa, futhi saqinisekisa, ngezibonakaliso, ukuthi sasiyisithunywa esithunywe sivela kuNkulunkulu, khona-ke kukubo ukuba balalele lesisithunywa. Ngokuyikho du. Bafanele basilalele isithunywa futhi babenezinhlonipho kulesosithunywa. Bukani uJoshuwa noKalebi, bahlala ngqo eceleni kwakhe. Yebo, mnumzane. Noma yini uMose ayekuyo, babekuyo, nabo. Noma ngabe uMose wayekahle noma wayesephutheni, bahlala naye ngqo, noma ikanjani, niyabo, ngoba babazi ukuthi leso kwakuyisithunywa sikaNkulunkulu.

72 Futhi lapho, ngoluny'usuku, sithola ukuthi ngisho noMiriyamu, umprofethikazi, noAroni, umpristi omkhulu, bahlekisa ngomkaMose ngoba wayengumTopiya, futhi bacabanga, "Bekungekho yini abesifazane abenele beqembu lakithi uqobo, ukuba aganwe, esikhundleni sokwehlela lapho futhi aganwe yilowo wesifazane na?" Lokho kwakungesikho ukukhetha kukaMose; lokho kwakungukukhetha kukaNkulunkulu enzela uMose. Futhi ngenkathi behlekisa ngakho, lokho kwamthukuthelisa uNkulunkulu ngangokuthi Waze washaya uMiriyamu, umprofethikazi, wagcwala uchoko, udadewabo kaMose uqobo. Uthini ngalokho na? Yena, umprofethikazi, kodwa wayenzani na? Wayehlekisa futhi engongahloniphiyo isithunywa sikaNkulunkulu, isithunywa sesivumelwano sangalolosuku. Futhi wayengahloniphi. Kanti futhi noAroni, umpristi omkhulu, yena impela umkhulumeli kaMose, kunjalo, wayekanye naye.

73 Kwase kuthi-ke uAroni, ngenkathi ebona udadewabo eshaywa wuchoko, wangena wayesetshela uMose, "Ungamyekela udadewenu uqobo afe na?"

74 NoMose wangena etabernakele wayesewa phambi kweNkosi, futhi uqala ukukhala izinyembezi wayesebiza uNkulunkulu, ecelela udadewabo umusa. NoMoya weNkosi wehla wase uthi, "Biza uAroni noMiriyamu ukuba bame lapha phambi kwaMi." O, he!

75 UNkulunkulu ufuna impela izinhlonipho! UNkulunkulu uthumela uMlayezo waKhe, Ulaleleni futhi niWuhloniphe. Angikhathali uma beWubiza ngesigejane sabagingqiki abangcwele, noma ngabe baWubiza ngokuthini; izwe malenze lokho abakufunayo. Kodwa Nina nikezani izinhlonipho!

76 Ngakho, nakho kumi uMiriyamu. UNkulunkulu wathi, "Biza uMiriyamu futhi ubize uMose. . . noma ubize uAroni lapha, umfowenu nodadewenu, ukuba bame phambi kwaMi."

77 Futhi ngenkathi bengena phambi kukaNkulunkulu, uNkulunkulu wathi, "Animesabi uNkulunkulu na?" Washo lokho kumpristi omkhulu nakuMiriyamu umprofethikazi. Wathi, "Uma kukhona noma bani, umuntu phakathi kwenu, ongowomoya noma umprofethi, Mina iNkosi Ngiyakuzazisa kuye. Ngiyokhuluma kuye ngemibono futhi Ngizembule ngamaphupho kuye, kanjalonjalo, uma engowomoya noma umprofethi." Kodwa wathi, "Inceku yaMi uMose, Ngikhuluma umlomo nomlomo naye." Wathi, "Animesabi uNkulunkulu na?" Ngamany'amazwi, "Nikhuluma ngoMose, nikhuluma ngaMi. Uma ningenakumhlonipha uMose, aniNgihloniphi." Wathi, "Angifakazisanga yini phakathi kwenu ukuthi uyinceku yaMi na? Futhi aninakho nhlobo ukumhlonipha."

78 Lokho bekungaba yisifundo esinjani pho kubantu balolusuku, akukho-zinhlonipho, akukho-nhlonipho yokwazisa!

79 Manje Wathi, "Futhi ngenxa yokuthi anikwenzanga lokho, yingalesosizathu unochoko. Yingalesosizathu lezizinto ihambile," wathi, "ngoba benifanele nazi ukuthi lena bekuyinceku yaMi. Niyakwazi, ngakho uma nisho into ephambene naye niyisho ngokuphambana naMi."

80 Ngakho uMose wakhulekela impilo yakhe ukuba isindiswe, futhi uNkulunkulu wayisindisa impilo yakhe. Akaphilanga isikhathi eside kakhulu kamuva, wafa. Kodwa wakuthola ukuhlanzwa ochokweni lwakhe, futhi wayengaphandle kwekamu izinsuku eziyisikhombisa, niyazi, ngenxa yeyakhe... ngenxa yokuba nalo, ukuba ahlanjululwe, athole ukuthi ahlanzwe yena uqobo futhi ochokweni lwakhe. UNkulunkulu wamphilisa.

81 Kodwa Ayezama ukukufinyelelisa kubo, kwakuyilokhu, "Nifanele nikuhloniphe eNgikwenzayo."

82 Futhi uma leso kwakuyisimo sikaNkulunkulu aziphatha ngaso ngalolosuku, futhi uNkulunkulu angeguquke, uNkulunkulu ufuna sihloniphe lokho Akwenzayo. Ukufuna impela. Wathi, "Kuphakathi kokuthi niyakuhlonipha lokho kungenjalo kukhona enye into ezokwenzeka."

83 Indoda yangitshela ngoluny'usuku, yathi ngi...Indoda ezihluphekelayo, ishanela phezulu ngapha emakethe, ukuba iziphilise. Yayibe nokwehluleka, isesimweni esibi impela. IyiLuthela ngokwenkolo, futhi babekade benesidlo. Ayikwazi impela ukuthi ihambe ngezinyawo iye enkonzweni, ngakho yathatha ikalishi lokuqashwa. Yathi layibiza ueyiti sente ukwehla no eyiti sente ukubuya. Umakhelwane wayo, engenakho nhlobo ukumesaba uNkulunkulu, wayibona ikhuleka uMkhuleko weNkosi ngokunye ukusa, futhi wayihleka, wahlekisa ngayo. Yathi kulomakhelwane, wathi kulendoda, wathi, "Kade uyephi ngekalishi lokuqashwa kulokhu ukusa na?"

Yathi, "Bekuyisidlo. Ngehle ngaya enkonzweni."

Wathi, "Yini isidlo na?"

Yathi, "Uma sithatha isinkwa newayini."

84 Wathi, "Ngibe naso, nami, kulokhu ukusa etafuleni, nocezu lwesinkwa olulula nepayinti lewiski." Niyabo?

85 Ngazi ngabafana abathathu, ngesinye isikhathi, ababebhuqa isidlo enkonzweni, ngiyazi ngabo. Futhi benyukela ekamelweni lasehhotela base bezithengela amasemishi afakwe ingulube nebhodlela lewiski, futhi babenesidlo sabo phezulu lapho, behlekisa ngesidlo ababekade benaso ebandleni lamaPentecostal. Ngaphansi kwezinyanga ezintathu kusukela

ngalesosikhathi, bonke bobathathu wayezo...omunye wabo wafa, nababili besesikhungweni sezinhlanya.

86 Ungeke ungamhloniphini uNkulunkulu! Ufanele umhloniphe uNkulunkulu. Uma ungakukholwa, yiba ulokhu uqhubeka nje, zisuse kukho. Noma, kuphakathi kokuthi ukwenze lokho, noma uza ngenhlonipho futhi ukuhloniphe. Ungahlekisi ngabantu abaseMoyeni. Ungakhulumi ngabantu abakhonza ngoMoya kaNkulunkulu. Bayekele.

87 Ngangimi khona lapho ekhoneni, ngishumayela, iminyaka ethile edlule, njengomshumayeli osengumfana. Futhi kwakukhona owesifazane owafikayo, wayeyiKatolika ngokukholwa; kodwa ngangazi umyeni wakhe—wakhe wayeyiKatolika, yena wayengelutho. Futhi obukekayo impela, owesifazane omuhle, obukeka kahle, cishe eneminyaka engamashumi amabili ubudala, amashumi amabili-nambili. Ngangimazi njengentombazane lapha edolobheni. Futhi wafika futhi wama lapho, futhi athi, "Ngeke ngayivumela inkomazi yami engumngane ibe nenkolo uWilliam Branham anayo."

88 Futhi ngobusuku obulandelayo, ngaphambi kokuba ngifike kuye, ngezwa ukuthi wayefa esibhedlela, futhi akwaziwa namanje ukuthi yini eyambulala. Wayefa phandle lapho esibhedlela, futhi nomyeni wakhe weza ukuba azongilanda. Wathi...WayeyiKatolika. Futhi uyafika, wathi, "Woza masinya futhi usholo umkami umkhuleko, kade ekubiza ikusihlwa lonke, uyafa."

89 Awu, ngathi, "Ngizohamba." Futhi ngangena emotweni futhi ngashiya umhlangano, futhi ngathathela ngaya esibhedlela. Futhi ngagijima ezitebhisini, ngahlangana nomhlengikazi, futhi wathi, "Usevele ufile."

Futhi wathi, "Woza, umsholo umkhuleko, noma kanjani."

Ngathi, "Usefile."

Wathi, "Shono umkhuleko, noma kanjani."

"Ngeke kusabasiza manje."

Wathi, "Awu, woza umbuke."

90 Futhi ngehla. Wayenalezo ezibomvana ezimnyama, ngiyakholwa bazibiza, izinwele ezibomvana ezinsundu. Owesifazane omuhle impela, amachashaza ambalwa ebusweni bakhe lapha, enamehlo amakhulukazi ansundu. "Futhi lowo wesifazane," lowomhlengikazi wathi, "Billy, ufe esebuhlungwini obunzima waze wamemeza igama lakho kakhulu ngakho konke abengakwenza, futhi wathi, 'Mtsheleni ukuba angithethelele,' amachashaza aze aqhunsuka ebusweni bakhe njengezinsumpa." Futhi lawomehlo amakhulu ayephumele ngaphandle futhi amajwabu amehlo ayevaleke uhhafu phezu kwawo. Isizathu, uyazi ukuthi kwenzekani uma umuntu efa, kokubili inso yabo namathumbu kuyanyakaza, futhi

wayelapho nje kuphuma iphunga elinamandla yonke indawo. Futhi wafa ekulobo buhlungu obunzima ngoba . . . hhayi ngoba engangihloniphanga mina, kodwa yena akalihloniphanga iVangeli lelo engangilishumayela, futhi uNkulunkulu wayesebenza izibonakaliso nezimangaliso.

91 Ngesinye isikhathi esedlule eNew Albany, ngisamile lapho ngikhuluma esonini, ngisiholela kuKristu, indoda enkulu endala enezandla ezihayayo isegaraji, indoda yayingumngane wami, umkhwenyana wakwayo wayenegaraji endlini elandelayo. Ngangimi lapho ngishumayela ngehora lokudla kwasemini, ngidla isamishi futhi ngikhuluma kuso ngoNkulunkulu. Ngesikhathi sasemini ngathola ndawana-thizeni lapho engangikwazi ukuya khona ngesikhathi sokudla kwasemini futhi ngizame ukuzuzela uKristu umphefumulo. Sathi, "Mnu. Branham," sathi. Ngangingumshumayeli ongumfana nje, qobo lwami. Wathi, "Mnu. Branham," wathi, "umama wami wayenalolohlobo lwenkolo, leyonkolo ezwelayo." Nezinyembezi lwalwehla ngezihlathi zaso.

Ngathi, "Sekuyisikhathi esingakanani ashona na?"

Sathi, "Iminyaka. Wayengikhulekela njalo."

92 Ngathi, "UNkulunkulu owezwa imikhuleko yakhe uzama ukumphendulela yona khona manje."

93 Futhi nalendoda yangena lapho, yathi, "Halo." Yayidakiwe. Yathi, "Heyi, Billy, lalela." Yathi, "Noma ngasiphi isikhathi ofuna ngaso ukuza ngapha egaraji lami," yathi, "uze, kodwa," yathi, "ungayilethi leyonkolo yakho endala yokugingqika okungcwele lapho."

94 Ngaphenduka futhi ngayika, ngathi, "Nomaphi lapho uKristu engemukelwa, ngeke ngibe khona."

95 Futhi ngakho yaphenduka futhi yathi, "A, hlakanipha, mfana!"

96 Futhi nje ngezwa enhliziyweni yami, iPhimbo lithi, "Uvuna okutshalile. Bekuyoba ngcono kuwe ukuthi itshe lokusila lagaxwa entanyeni yakho, lazikiswa ezinjulweni zolwandle." Futhi umkhwenyana wakwakhe uqobo, ngayo leyontambama nje, wagijima phezu kwakhe ngetraki iShevulorethi eyayilayishiwe phansi ithu-thani, futhi yambonda eemhlabathini.

97 Niyabo, ufanele umhloniphe uNkulunkulu. Ufanele ukwenze, wena . . . UNkulunkulu uzifuna impela izinhlonipho, futhi Uzifuna impela.

98 Futhi ngakho uMiriyamu wayefanele ukwazi kangcono. Ngakho ufanele uMo- . . . uAroni wayefanele azi kangcono, kunokwazi lokhu, ukuthi uMose waholwa ngoMoya kaNkulunkulu ukwenza ayezokwenza.

99 Umfundisi weBaptisti wangibhalela incwadi ezinsukwini ezimbili ezedlule, kusuka phezulu lapha. O, uma engangihhalanga phezu kwamalahle! Wathi, "Umfana ovilaphayo njengawe! Inkonzo leyo ebiyolingana noElija, abaprofethi," wathi, "futhi-ke ukukubona uhlezi uzungeze ikhaya, ungenzi lutho!"

100 Ngakho uBilly usebenza njengomabhalene ngesikhathi, wambhalela incwadi wamphendula. Futhi-ke wacabanga, "Awu, ngiyakholwa ngizomphendula nje," wathi. Kodwa wacabanga ukuthi kungcono anginike ngiyifunde ngaphambi kokuba ayiphendule. Kodwa yayinobuningi ubungcweti kuyo. Wathi, "Manje, lona akusuye ubaba wami, lona yimina." Wathi, "Wena usanda kusho nje ukuthi ubaba ubenenkonzo njengaleyo kaElija." Futhi wathi, "Wathi wahlala phansi osebeni lomfudlana ndawo ndawo, nodobo esandleni sakhe, noma phezulu ezintabeni, nesibhamu esandleni sakhe." Wathi, "Uyothini ngoElija ngenkathi ehlala iminyaka emithathu eceleni komfudlana na?" Wathi, "Awazi ukuthi baholwa nguMoya kaNkulunkulu ukwenza abakwenzayo na?" Niyabo, wonke umuntu ufuna ukukwenza ngendlela okungeyabo yabo. Kodwa umuntu ufanele aholwe nguMoya kaNkulunkulu, futhi ufanele unike izinhlonipho. Yilokho kuphela.

101 Lapha ngolunye usuku, umphefumulo oyigugu, lapha edolobheni, wabona omunye umfowethu, wathi, "Ukuphi uBill na?"

Wathi, "Uhambile wenyukela eCanada."

Wathi, "Ngiqagele uhambela ukuyozingela na?"

Wathi, "Yebo, uyozingela."

Wathi, "A, umbhedo entweni enjalo!"

102 Kulungile, leyondoda, ingazi ukuthi ngangingaphansi kwamandla kaMoya oNgcwele, ngombono ka ISHO KANJE INKOSI, ukuba ngihambe. Uyokwenzenjani ngoSuku lokwaHlulela na? Bekuyongisiza ngani ukuba ngiye eceleni kombhede waleyondoda nokuyikhulekela na? Indawo yokuqala, ayingikholwa. Nabantu, uma befika ngapho futhi besho lezizinto, sengathi angazi ukuthi abaWukholwa. Nakuba bekumbambatha emhlane futhi bakubize ngokuthi "mfowethu," nokho wena uyazi abaWukholwa. Niyabo? AbaWukholwa. Futhi ungaba nawo . . . Akukho neyodwa into ongabenzela yona. Bayokubiza, "woza ukhuleke," kodwa akusizi ngalutho. Isizathu, niyabo, abaWuhloniphi. Ufanele uWukholwe. Bhekisisani labo abakholwa ngempela, futhi nibhekisise ukuthi kwenzekani. Niyabo, ufanele uWuhloniphe.

103 UJezibele, ngezinsuku zikaElija, ukuthi akamhloniphanga kanjani uElija! Ukuthi ukanjani . . . UElija empeleni wayengumelusi wakhe. Impela. O, wayengakwemukeli lokho.

Bakithi, qhabo! Wayengu—wayengumphikiNkulunkulu, noma umphikinkolo, noma—noma umkhonzi-zithixo. Futhi wayenabapristi bakhe uqobo babahedeni. Kodwa nokho uElija wayengumelusi wakhe, uNkulunkulu wamthumela lapho ukuba abe ngumelusi. Wayengumelusi noma ngabe . . . Uma ammpongolozela futhi amtshele ngezono zakhe zonke, nokho wayengumelusi wakhe. Wayengakwemukeli nhlobo, kodwa, futhi akamhloniphanga. Wamzonda! Impela, wakwenza. Futhi kwenzekani kuye na? UNkulunkulu wadedela izinja zimudle emgwaqeni. Kunjalo. Ngoba ini na? Akawuhloniphanga uMlayezo uElija ayewushumayela.

104 UNkulunkulu uzifuna impela izinhlonipho. Ufanele ube nayo. Uma uyoke uthole noma yini kuNkulunkulu, uzomhlonipha uNkulunkulu. Futhi ufanele ukwenze ngokusuka enhliziyweni yakho, phansi ekugcineni kwenhliziyo yakho. Ufanele ukwenze.

105 Kodwa akamhloniphanga uNkulunkulu njengoba engamhloniphanga umprofethi waKhe. Manje, wayazi ukuthi uElija wayengumprofethi. Babengenalutho kwaIsrayeli eyayingahambisana noElija. Ngani, imibono yakhe nakho konke kwakuphelele phambi kukaNkulunkulu. Futhi yena, kodwa wayebagxeka. Bakithi, yebo! Wayekhwela phezu kwawo onke amahlelo, konke okunye. Nakho konke okwakubizwa ngesono, wayekugxeka, kusukela kokuncinyane kuya kokukhulu kunakho konke, inkosi nabo bonke, wayengancengi noyedwa wabo. Kodwa babefanele bazi ukuthi wayengumprofethi. Babengenakuvimbeleka nje ekukwazini lokho. Yebo, mnumzane.

106 Ngisho noAhabi wazama ukumbeka icala ngenxa yesomiso. Futhi wakhuleka kuNkulunkulu ukuba athumele isomiso. Yebo, wakwenza. Wayesethi, "Nginamandla futhi ngizovala amazulu; ngeke ngisho line, noma kuwe amazolo, ngize ngiwabize."

107 Ungathini nje lowoJezibele omncane nalobo buso obupendwe bonke, egqishazela phansi-phezulu kulelophansi, "Lowomzenzisi omdala! Lowomzenzisi omdala, ebangela ukuba bonke lababantwana abancane phandle lapha bahlupheke," nakho konke kanjalo. UElija wayezama ukubabuyisela kuNkulunkulu, ezama ukuzuza isizwe sibuyele kuNkulunkulu. Niyabo? Futhi kubukeka sengathi owesifazane wayengabatshela abantu, "Niqonde ukungitshela ukuthi ningakholwa umuntu onjalo, ongavala ngci amazwe kanje, futhi lingani ngisho noma amazolo na? Nakho konke ukuzenzisa kwakhe noma ukuthakatha kwakhe phandle lapho," noma ngabe wayefuna ukukubiza ngokuthini. "Futhi akayilutho kuphela nje u—umthakathikazi noma isangoma, noma okunye. Usevale amazulu futhi aliyikuna, enza bonke lababantu bahlupheke. Futhi nithike leyo yintando kaNkulunkulu na?"

108 Kwakuyintando kaNkulunkulu! Akunandaba ukuthi yini, niyabo, ufanele ubuke kulokho. . .Ufanele uhloniphe uNkulunkulu kungakhathaleki ukuthi Wenzani. Uyazi ukuthi Wenzani. Kwabukeka kabi, abantwana behlupheka, abantu behlupheka, izinkomo zifa, izimvu zifa, kungekho-manzi-ndawo, ubusuku babushisa futhi bunesifudumezi, ilanga lalibalele bha okwethusi ezibhakabhakeni ngesikhathi sasemini, iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha. NoElija ehlezi phezulu entabeni, wathi, "Akuyikwehla ngisho amazolo ngize ngiwabize." Kunjalo. O, bamzonda kanjani pho!

109 Futhi lapho yena, uAhabi, emthola, wathi, "Nguwe okhathaza uIsrayeli, nguwe na?"

110 UElija omdala wabheka emuva ebusweni bakhe, wathi, "Qhabo, akusimi, kodwa nguwe okhathaza uIsrayeli." Kunjalo. Niyabo, ngisho noAhabi wayengenazo izinhlonipho zakhe. Futhi niyazi ukuthi uElija wamtshelani uAhabi, wathi, "Ngoba wachitha igazi elingenacala lika Naboti, ngakho izinja ziyoxhapha igazi lakho, nawe, emgwaqeni." Futhi zakwenza! Ngoba abasihloniphanga isithunywa sikaNkulunkulu. Kunjalo impela. Abakuhloniphanga.

Manje, uMiriyamu akakuhloniphanga. UAroni akakuhloniphanga.

111 Akunandaba ukuthi ungubani, umKristu noma ungesuye umKristu, ufanele ube usalokhu uletha izinhlonipho kuNkulunkulu, futhi uhloniphe lokho Akwenzayo, kungenjalo uhlupheke ngomphumela. Kuphakathi kokuthi ukwemukele noma uyongena ekwahlulelweni, kokukodwa okufunayo.

112 Bengingama kanjani nobufakazi, ihora ngehora, balokho engikubonile esikhathini sokuphila kwami, engikubonile kwamanye amazwe nezinye izingxenye zezizwe, kanjalonjalo, izinto eyenzekile. Kodwa ukukweqa lokho, ukuze nje nikwazi ukuthola u—umqondo walokho engizama ukukusho kini, nifanele nikuhloniphe. Ngibabonile abantu abasha behlezi emhlanganweni, futhi bagigitheke futhi bahleke emhlanganweni, futhi, kungakapheli namahora angamashumi amabilie-nane, bafihlizwe emigwaqeni. Ngibabonile abantu abasha behlezi emhlanganweni, ngonyaka owodwa ngenkathi ngisendaweni, bese okulandelayo, mhlawumbe phakathi nezinyanga eziyisithupha, ngibuyele endaweni efanayo, futhi ngokwenzeka ngempela bonke sebeshonile, noma bagwazwa, bashaywa ndawondawo, yizifo nezinto. Kunjalo. Ufanele ukuhloniphe.

113 Ngiyayikhumbula intombi ethize ngobunye ubusuku, eTennessee, ngenkathi ngiphuma emnyango, ngishumayela ebandleni elikhulu lamaBaptisti, ngangiphuma emnyango. Ngase ngizwa ngiholeleka ngalobo busuku ukuba ngiyibize ize kuKristu. Awu, yangedelela ngenkathi ngiyibiza ukuba ize

kuKristu. Kwenzeka yaba ngenye yamadodakazi omdikoni. Futhi ngimi emnyango ngalobo busuku, yangilinda. Ngase ngiyaphuma, yathi, "Ngifuna wazi okuthize khona manje, ungaphinde ungiphoxe kanjalo futhi."

Ngathi, "UNkulunkulu ubekubiza."

114 Yathi, "Umbhedo! Ngisemncane," yathi, "Nginesikhathi esiyinqwaba salokho." Yathi, "Ubaba wami unenkolo eyenele yethu sonke ekhaya."

115 Ngathi, "Ayenele kuwe, dadewethu, yilowo nalowo ufanele abe nenkolo yakhe uqobo."

116 Yathi, "Uma ngifuna noma ubani akhulume kimi kanjalo, ngizothola umuntu onengqondo, hhayi umuntu onjengawe."

117 Ngathi, "Hamba, usho ofisa ukukusho. Awungikhathazi, kodwa ngoluny'usuku uyozisola ngakho."

118 Esikhathini esingeside esedlule, ngedlula edolobheni elifanayo. Nansi iza yehla ngomgwaqo iziketi zayo zangaphansi zilenga, itshekise usikilidi ngesandla sayo, yathi angiphuze iwiski. Into efanayo! Futhi nampu ubufakazi bayo, yathi, "Uyakhumbula ngobusuku ubiza lapho na?" Yathi, "Lelo kwakuyiqiniso." Yathi, "UMoya kaNkulunkulu wawufakaza kimi ngalobo busuku, uzama ukungibamba ukuba ngize." Yayisithi, "Selokhu kwasukela ngaleyonkathi bengibona umphefumulo kamama wami uthoseka esihogweni njengekhekhe eliyisicaba, futhi ngiwuhleke." Yilokho-ke okwenzekayo, niyabo.

119 Ufanele umhloniphe uNkulunkulu. Yilokho kuphela. Ufanele ukwenze, mfowethu. Yilokho kuphela. UJezibele akakuhloniphanga.

120 Futhi khumbulani ngesinye isikhathi, kwakukhona abanye abantwana ababengahloniphi, babekade bekhuliswe ekhaya.

121 UElija, emva kwezinsuku zakhe, kusobala, abantu babemzonda ngoba wabiza leyondlala ezweni. Kwakukhona abanye abantu abafundisa abantwana babo ukuthi "UElija, umuntu onjalo," wayekade ethathiwe wangeniswa eZulwini. "Wabulawa ndawondawo, futhi bambela nje futhi bamfihla." Aba—abakukholwanga.

122 Ngakho uElisha wathatha indawo yakhe, manje wayeseyisithunywa sosuku manje emva kokuba uElija wayesekhushuliwe. Ngakho wedlula ezansi edolobheni elithize, nabantwana, abantwana abancane balelodolobha, baphuma bagijima, bahlekisa ngaye, bathi "Awusho, wena mpandla ndini endala, awenyukanga ngani njengoba kwenza uElija na?" Niyabo, babengakholwa ukuthi uElija wenyuka. Kulapho-ke. Kwakungesikho ukungahloniphi umuntu; kwakungukungahloniphi uMlayezo wakhe. Waba ngolandelayo esikhundleni kuElisha . . . kuElija. Wayenogcobo, umoya kaElija

wawuphezu kwakhe. Wenyukela khona lapho futhi wenza yona impela into efanayo neyenziwa nguElija. Haleluya!

123 UJesu wathi, “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza.” Yebo. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.”

124 Abawuhloniphanga. Futhi abamhloniphanga uElija ngoba wayekholelwa kuElisha, ngoba uMoya wawuphezu kwakhe. Wayesephenduka futhi washaya iJordani ngengubo yakhe yesikhumba, wayesevula iJordani, wenyuka wayesenza uhlobo olufanayo lwezimangaliso ezenziwa nguElija. Futhi ngisho bonke abashumayeli phezulu lapho esikoleni sabaprofethi, bathi, “Umoya kaElija uhlezi phezu kukaElisha,” kwasakazeka nezwe lonke.

125 Nabantu, ngiyabheja bahleka bodwa, bathi, “Hheyi, hheyi, buka!” Bathi, “Lesosigejane sabagingqiki abangcwele, uhlanya, luthi, ‘Lowomuntu waya eZulwini engafanga, kwehla amahhashi.’ Asibonanga lutho.” Impela abazange. Impela qha, abazange. “Asibonanga-mahhashi. Asizwanga-zinqola nomaphi. Umbhedo! Umfo omdala wafa futhi bambela, futhi-ke sebezama okuninginingi ukwenziwa phezu kwakho.”

Njengoba nje bebengasho namhlanje, into efanayo!

126 Njengoba basho ngoJesu, bathi, “Ngani, bafika bantshontsha uMzimba waKhe ngesikhathi sasebusuku.” Baze bakhokhela ngisho amabutho ukuba afakaze lokho. Kodwa Wavuka kwabafileyo!

127 NoElija wakhushulwa ngenqola yomlilo, namahhashi omlilo.

128 Futhi ngenkathi lomprofethi osemncane ehamba ngalapho, ehla edabula edolobheni. Futhi wayeselahlekelwe yizinwele zakhe, njengensizwa. Wayehla, ngakho lababantwana abancane bagijima emva kwakhe, bathi, “Hheyi, awenyukanga ngani njengoElija na?” Bathi, “Wena mpandla ndini endala, wena!” Niyabo? Futhi babenikeza ukungahloniphi. Futhi wenzani uElija na? Waphenduka, ngamandla kaMoya wayesebaqalekisa labobantwana. Kwenzekani na? Amabhere amabili amasikazi aphuma ehlathini futhi abulala abangamashumi amane-nambili babo. Kunjalo. Ukungabi nazinhlonipho, ukungahloniphi. Ngeke wakwenza lokho. Ufanele umhloniphe uNkulunkulu.

129 Uma yinoma ubani walabobantwanyana wayethe... Manje, uma ubaba wabo nomama wayethe, “Manje, bukani, bantwana, bathi uElija wakhushulwa. Manje, asazi ngalokho, kodwa, noma kunjalo, a—a—angazi noma kunjalo noma qha, kodwa nginitshela into enhle ukwedlula yonke ukuba niyenze ngukuba nje ningasho lutho ngakho. Qhubekani nje. Uma edlula...Siyezwa ukuthi uyeza wehla udabula edolobheni namhlanje, uzoba nomhlangano wasemgwaqeni phezulu

lapho. Uma eyenza, uma nina bantwana, emgwaqeni seniya esikoleni namhlanje, nihlangabezane naye, nithi nje, 'Sawubona, mfundisi? Sawubona, mnumzane?' Noma into efana naleyo. Nimkhulumise."

130 Kodwa esikhundleni salokho, akungabazeki babekade betsheliwe ekhaya. O, babenobaba nomama behlezi etafuleni futhi behleka, omunye nomunye, bethi, "Wazini! Bathi lowomgingqiki ongcwele omdala wakhushulwa. Senake nayikholwa noma yini into enjengaleyo na? Futhi bathi lomfo omdadlana onempandla, enempandla nje njengethanga phezulu lapho, akangaphezu kweminyaka engamashumi amathathu-nanhlanu ubudala, futhi nangu eza edabula lapho, futhi bazobamba umhlangano wasemgwaqeni, basibheke ukuba sikholwe ngumbhedo onjengalowo. Ngani, akayilutho kuphela encane. . . nje i—isibhuqo. Yilokho kuphela okuyikho. Isizathu, ngeke eze ebandleni lethu, niyabo. Njengoba wayenjalo nje uElija, ngeke eze emabandleni ethu. Sizo, uzo. . . Mhlawumbe uhlobo oluthize lobuthakathi, ishwa, ihlaya lokuhlekisa analo, njengoElija." Abamkholwanga. Ngakho, abantwana abancane bafundiswa lokho ekhaya.

131 Ukuba babefundiswe inhlonipho yokuzithoba nenhlonipho, babeyohamba baphumele lapho phambi kwalowomprofethi kaNkulunkulu bese bezicelela umkhuleko.

132 Kodwa babekade befundiswe ukugigitheka nokuhleka, nokuhlekisa. Cishe njengabantwana banamhlanje, mo-. . . abaningi kakhulu babo bayohlekisa ngomhlangano osemgwaqeni, bayohlekisa ngokushunyayelwa kweVangeli.

133 Ngakho, uElija wabaqalekisa, eGameni leNkosi. Hhayi ngenxa yabantwana, kodwa ngenxa yokungahloniphi ngokuzithoba kwabazali ababekhulise abantwana ngaleyondlela, ukungamhloniphi uNkulunkulu. Amabhere amabili amasikazi aphuma ase ebulala abangamashumi amane-nambili babo. Manje, lokho ngukungahloniphi kokuzithoba. UNkulunkulu ukufuna ngempela ukuhlonishwa! Ngenkathi bengamhloniphi umprofethi waKhe, babengamhloniphi Yena; akunandaba ukuthi abakholwanga kangakanani, babefanele bagcine umlomo wabo uvaliwe, badede kukho. Kodwa, qhabo, badinga ukuthi bafake okulingene uzuka wabo. Badingeka ukuthi basho into ababengafanele bayisho. Futhi kwenzekani kubo na?

134 Ake sithathe abanye abantu abakuhloniphayo. Ake sithathe owesifazane waseShunemi, kumprofethi ofanayo, uElija. Wayengesuye empeleni umIsrayeli. Wayevela eShunemi, kodwa wayekholelwa kuNkulunkulu. Futhi wambona lomuntu edlula edolobheni, wamuzwa ekhuluma, wazibona izibonakaliso azenzile.

135 Kuyaxoxwa emlandweni, angazi noma kuyiqiniso noma qha, ukuthi ngoluny'usuku isigejane samankentshane lalizama ukubamba intombazane encane. Manje, lokhu akusiwo umBhalo, yindaba nje engayifundayo. Futhi kuthiwa owesifazane waseShunemi wayemi ekhoneni, futhi wabona ukuthi lezizinja yayizobulala lentombazane encane. Nalomuntu ongcwele wayedlula edolobheni, wayesephakamisela udondolo lwakhe kuNkulunkulu, wayesememeza kakhulu ebacelela umusa labobantwana abancane kanjalo, nezinja zajika zasuka kubo. Noma ngabe kwakunjalo noma qha, kuzwakala sengathi kwakungaba njalo, angazi.

136 Kodwa, noma kunjalo, lona wesifazane wathi, ngenkathi iBhayibheli, ngenkathi "ebona ukuthi lona kwakungumuntu ongcwele." Wabona ukuthi kwakukhona into eyayenzekile. Wabona ukuthi wayeyini, futhi "wabona ukuthi wayengumuntu ongcwele ovela kuNkulunkulu." Futhi, esikhundleni sokungamhloniphi njengoba kwenza uJezibele, wamhlonipha. Wathi kumyeni wakhe, "Sikwazi kahle kakhulu ukukwenza lokhu. Ngiyakuncenga, asimakhele indlu encane lapha ndawondawo. Asimnike indawo encane, ngokuba ukhandlekile. Kade ngimbhekisisa. Usegugile, futhi ngiyaziqaphela izinwele zakhe ezimpunga lapho zilenga entshebeni yakhe. Udondolo lwakhe oludadlana, izingalo zakhe ezincane eseziyisikhumba lapho ehamba, izingalo ezincane eziyintecentece kanjalo. Futhi nangu eza ehamba, ephethe uphiso lwamafutha oluncane ohlangothini lwakhe, nesiqephu sesikhumba semvu ezisonge ngaso, elangeni elishisayo, umzimba wakhe wawubukeka uhangukile futhi ubomvu. Futhi ngiyakuncenga, asimenzele isiteshi esincane, ukuba ame lapha. Asithole usonkontileka futhi aphumele lapha futhi amakhele indawo encane, bese simbeka phezulu, ngoba ngiyabona ukuthi umoya wakhe, ngomoya wakhe, ungumuntu ongcwele. Ungumuntu kaNkulunkulu." O, o, umehluko onje pho!

137 Manje, umyeni wakhe wavuma, owesifazane u . . . owesilisa ngahle ukuba wathi, "Mntakwethu, ngimqaphelile lowomuntu, nami. Ngimlalelile, ngimbhekisisile, ngiyibonile imisebenzi yakhe. Ngiyazi ungumuntu ongcwele kaNkulunkulu. Ngakho nje sizokwenza lokho." Ngakho babiza usonkontileka wayesemakhela indawo enhle encane, wayesembekela umbhede omncane lapho ukuba aphumule, ukuze akwazi ukulala phansi futhi aphumule. Wamlungiselela indawo yokugezela izinyawo zakhe, wathola amanzi nezinto, wayesekulungisa phakathi lapho.

138 Futhi lapho kufika umprofethi, kusobala, lokho kwawubusisa umphefumulo wakhe, ukubona ukuthi kukhona into ayenzelwe yona. Wathi kuGehazi, "Hamba, umbize, bese umbuza ukuthi ngingamenzelani, ngi 'ngakhuluma nenkosi, enduneni enkulu na?'" U . . .

139 Wathi, "Ngihlala phakathi kwabantu bakithi, futhi akukho lutho engikudingayo."

140 Kodwa uGehazi wathi, "Akanabantwana. Nomyeni wakhe useneminyaka eminingi, usegugile. Abanabantwana."

141 Futhi sengathi ngiyabona, uElija elele lapho kulombhede omncane, ayembusise ngokuwenza, izinyawo zakhe sezigezwe zonke, nentshebe yakhe isigezeke yonke, nezinto, elele lapho, akungabazeki ukuthi wayewubonile umbono weNkosi (ngoba, yayikwenza njalo lokho). Ngakho wathi, "Hamba, umbize, bese umtshela ukuba ame lapha phambi kwami." O, he! "Hamba, umbize, ngoba u—uhloniphe uNkulunkulu. Hamba, umtshele ukuba eze lapha!

142 Ngenkathi ema emnyango, wathi, "ISHO KANJE INKOSI. Cishe ngalesisikhathi, ngonyaka ozayo, uzozala ingane." Futhi cishe ngalesosikhathi, ngonyaka ozayo, waba nayo ingane.

143 Kwase kuthi-ke uSathane, lapho isefike ekutheni cishe ibe neminyaka eyishumi nambili ubudala, uyise wayeyithume endle ngoluny'usuku, noSathane wathi, "Ngizomsusa lowomntwana," ngakho uvele nje umnika ukushaywa yilanga. Futhi wafela ezingalweni zikanina.

144 Ngabe lokho kwamdumaza na? Qhabo, mnumzane. Wathi, "Bophela umnyuzi. Futhi uhambe uqonde phambili, ungami. Khuphukela eNtabeni iKameli, entabeni, ngoba ubesanda kudlula lapha nje ngoluny'usuku." O, o! O, o! O, o! He! Nakho lapho okhona. Leyo yinhlonipho. Leyo yinhlonipho.

145 Nomyeni wakhe wathi, "Uya kumuntu kaNkulunkulu." Wathi, "Akukabisiyo inyanga entsha noma isabatha, ngeke abe phezulu lapho kweyakhe . . . "

146 Wathi, "Konke kuzoba kahle, bophela umnyuzi nje bese ngiqhubekela phambili." Futhi ngakho basuka bahamba.

147 Base bekhuphukela entabeni. Futhi ngenkathi uElija omdala elunguza phandle emgedeni, futhi uphuma lapho wayeselunguza, wathi, "Lona ubukeka efana nalowo wesifazane waseShunemi eza." Wathi, "Ufanele ukuthi udabukile." Wathi, "Hamba, umhlangabeze. Futhi, uma," wathi, "udabukile enhliziyweni yakhe, futhi uNkulunkulu akazange angitshele lutho ngakho."

148 Niyabo, uNkulunkulu akadingi ukuba akutshele yonke into, niyabo. Ngakho Akadingi ngisho ukuba atshele abaprofethi bakhe yonke into. Uvele nje—Uvele nje enze lokho Afuna ukukwenza, UnguNkulunkulu.

149 Lapha, manje, uElija wathi, "Nkulunkulu!" Ukuba-ke uElija wayesho lokhu, "Awungitshelanga ngani ukuthi kungani eza na? Awungitshelanga ngani konke ngakho na?" Wayengeke abone-nto. Kodwa kwakulungile ngoElija, noma ngabe kwakuyini.

150 Futhi ukuba-ke wayekhuphukile wayesethi, wayezothi, "Wathi wawuyinceku kaNkulunkulu na? Wena mzenzisi! Ngikholwa ukuthi awulutho kuphela umgingqiki ongcwele na"? Kwakungeke neze kwenzeke. Niyabo? UNkulunkulu uyasivivinya ngezinye izikhathi, abone ukuthi sizokwenzenjani.

151 Ngakho, esikhundleni salokho, wagijimela wakhuphukela ngqo ezinyaweni zakhe wayesekhonza, kwaba sengathi wayekwenza kuNkulunkulu. Wayesethi, wayesembula kuye ukuthi kwakwenzenjani. NoElija wathi, "Thatha udondolo lwami bese uhamba ulubeke phezu komntwana."

152 Futhi ngenkathi ekwenza, owesifazane wathi, "Kuphila kweNkosi uNkulunkulu, nomphefumulo wakho awufi neze," o, he, "wena nceku kaNkulunkulu, angiyikukushiya. Ngizohlala lapha uNkulunkulu aze athumele umbono." UElija omdala wahlala lapho isikhathi esidanyana; wabopha izinkalo zakhe, wayesethatha udondolo lwakhe futhi nangu ehamba.

153 Wahamba wangena ekamelweni lapho leyongane yayilele khona, ingane efile. Wahamba ehla-enyuka phansi, kanjalo, izikhathi ezimbalwa. Ngenxa yowesifazane ohlonipha ngokuzithoba, owesifazane owayemhlonipha, indoda eyayimhlonipha, futhi yamkholwa ukuthi ungumuntu kaNkulunkulu, waya emuva naphambili ehla-enyuka phansi uNkulunkulu waze waphendula. Amen. Wayesezilalisa yena phezu kwengane futhi yathimula kasikhombisa, wase eyiqukula wase eyinikeza umama. Waphuma wahamba, futhi emuva phezulu emgedeni waya khona. Ngoba wahlonipha umuntu kaNkulunkulu! Amen. UNkulunkulu uyifuna impela inhlonipho.

154 Kuthiwani-ke ngoMarta na? Wayehlala njalo ecabanga ngokulungiselela uJesu idina elimnandi. UMariya wayefuna ukuzwa iZwi likaNkulunkulu, ngakho uvele nje ahlale khona lapha bese eMlalela. Wayengakhathali noma ngabe izikhwama zamaphilo sasishintshiwe, kumbe noma ngabe a—amakhethini lalithintithiwe, kumbe noma ngabe kukhona ababenakho ababengakudla noma qha, wayefuna nje ukuzwa ukuthi uJesu wayezothini. Kodwa uMarta njalo wayefuna ukuMphekela idina elimnandi, futhi aqiniseke ukuthi isihlalo sasenziwe sathamba futhi sasibekwe kahle nje, nayo yonke into yayihlanzwe kahle kanjalo. Kodwa wayefuna Yena, ukuba enzele uJesu into ethize ngendlela yakhe, noMariya wayefuna ukukwenza ngendlela yakhe. Kodwa ngoluny'usuku ngenkathi uLazaru efika... Abantu abaningi bakhuluma baphikisane noMarta, bathi wayefanele akhathalele kakhulu. O, qhabo, umzuzwana nje. Niyabo, nakho kufika isikhathi sikaMarta ukuba akhombise okwakhe. Kwase kuthi-ke lapho uJesu... Lapho uLazaru efa, umfowabo, wathumela kuYe ukuba eze azomkhulekela. Akezanga. Akakunakanga ukubizwa, Waqhubekela kwenye indawo. Wathumela futhi, Wayelokhu engakunaki ukubizwa.

155 Kodwa lapho ekugcineni Esefika, kwakubonakala sengathi manje wayefanele aphume aye kuYe bese ethi, "Awuzanga ngani na? Awuzanga ngani ngenkathi ngiKubiza na? Umfowethu ubelele lapho, egula. Sishiye ibandla lethu, sishiye inhlangano yethu, senze yonke into ukuba silandele uMlayezo waKho, ngoba sasikholwa ukuthi UbunguMuntu kaNkulunkulu. Kodwa ubengakwenza kanjani uMuntu kaNkulunkulu... Futhi thina esesaba yizintandane ezimbili, abantwana abathathu asebaba yizintandane lapha, abantu abathathu abayizintandane, nomsebenzi wethu esithola ngawo impilo kwakungukwenza izindwangu ezelukwe kwavela imifanekiso kuzo zalelothempeli. Sasingamalunga lapho, umama wethu nobaba wayengamalunga lapho. Kodwa ngenxa yokuthi Usikhohlise sangena entweni, ukuba sikholwe kuLokhu, Ozama ukusifundisa khona, uthi UyiNdodana kaNkulunkulu nomProfethi othunywe evela kuNkulunkulu, nalezizinto, singake siKukholwe kanjani, uMuntu ongeke aze angilalele ngisho uma ngiKubiza na? Ngenkathi ngisekudingeni futhi nginokudinga Wena, Awuwunakanga umlayezo wami futhi waqhubeka. Ngiphinde ngathumela futhi, futhi Walokhu ungakunaki. Uyenzeleni into enjalo na?" Ukuba wayenze lokho, indaba ngabe yehlukile kulobubusuku.

156 Wenzani na? Wagijima waqonda ngqo lapho Ayekhona, wawela ezinyaweni zaKhe wayesethi, "Nkosi, uma Ubukhona, umnewethu nga engafanga." O, nakho lapho okhona. Wayenzani na? Wayehlonipha. WayeseBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi waMhlonipha. WaMbiza ngeNkosi yaKhe. "Nkosi, uma Ubukhona." (Hhayi kuthi, 'Ngithumele kuWe!" Konke lokho kwakhohlwakala.) "Manje Usukhona, niyabo. Uma Ubukhona, umnewethu nga engafanga."

Wathi, "Umnewenu uzakuvuka futhi."

157 "O," wathi, "yebo, Nkosi, ngiyazi uyakuvuka futhi ngomuhla wokuphela."

158 Futhi—futhi Wathi, futhi u...Wathi, "Kodwa Mina ngingukuVuka nokuPhila. Okholwa yiMi, noma efa, wophila. Ophila akholwe yiMi kasoze afa naphakade."

159 "Ngiyakholwa, Nkosi, ukuthi Wena uyiNdodana kaNkulunkulu obezakuza ezweni. Futhi ngisho nakalokhu, Nkosi!" O! "Ngisho nakalokhu!" (Hhayi ukuthi, "Nkosi, Ubufanele wenze *lokhu* futhi Ubufanele wenze *lokho*!") Kodwa, "Ngisho nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uYokunika khona." Yilokho-ke.

160 Ukuba-ke besingakusho lokho komunye kulobubusuku, "O, mfowethu, ngikholwa ukuthi okucela kuNkulunkulu, uNkulunkulu ukunika khona na"? Imiphumela efanayo ibizofika.

161 Kodwa akunandaba ukuthi Wayekangakanani, uma Waye. . .Futhi siyazi ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Ukuba wayengakuhloniphanga, kwakungeke neze kusebenze. Lokho kwakuvela enhliziyweni yakhe. Wathi, “Ngisho nakalokhu, Nkosi, noma yini oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika khona.” Yilokho-ke. Yilokho-ke. Ngokuvela enhliziyweni yakhe, wakukholwa. Ukuba Wayekade ethathe uhambo lokuyozingela noma uhambo lokuyodoba, lokho kwakungeke kwenze-mehluko kuye.

162 Qhabo, ukuba uElija wayeye ohambweni lokuyozingela noma wayeye ndawondawo, akwenzanga-mehluko kukho, kowesifazane waseShunemi. Wayesalokhu emkholwa ukuthi ungumuntu kaNkulunkulu. Impela. Akunandaba ukuthi wenzani, wayesalokhu engumuntu kaNkulunkulu, kuye, ngoba wayebone uNkulunkulu ehamba empilweni yakhe.

163 Futhi, kuMarta, akunandaba ukuthi kwakwenzekeni, wayebonile ukuthi uNkulunkulu wayemenzeleni. Wathi, “Ngisho nakalokhu, Nkosi, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uYokunika khona.” A, nakho lapho okhona.

164 Wathi, “Umnewenu uzakuvuka.” Futhi ngakho Wathi, “Nimbelephi na?” Base behlela ethuneni. Futhi Wabiza uLazaru ethuneni, emva kokuba sekube yizinsuku ezine efile. Ngani na? Ngoba udadewabo kaLazaru wakuhlonipha lokho Ayeyikho.

165 Uma ungenakumhlonipha umuntu, hlonipha isikhundla asiphetheyo kuNkulunkulu. Kunjalo impela, niyabo, mhloniphe. Uma umfundisi enyuka, umelusi wakho, njalo mhloniphe. Ngizwile amabandla ekhuluma ngomelusi wawo, ekhuluma kanjani nje ngaye, emenzela phansi, amjivaze. Uzoke akwenzele kanjani noma yini lowomelusi na? Ngeke akwenze. Awu—awu, awu re-. . .Angisho lelibandla, kodwa ngiqonde amabandla engiwabonile, ukuthi uma u. . .Ufanele umthande umelusi wakho. Ufanele wazi ukuthi uyisidalwa esingumuntu, kodwa nokho uNkulunkulu umenze umelusi waKhe. UMoya oNgcwele umenze umbonisi, ngakho-ke ufanele umhloniphe ngaleyondlela. Futhi akunandaba ukuthi umelusi wenzeni, uma umhlonipha enhliziyweni yakho, njengenceku kaNkulunkulu, uNkulunkulu uzokuhlonipha ngokukwenza.

166 “O—ongamukelayo Mina, wemukela ONgithumileyo,” kwasho uJesu. “Ongangemukeliyo Mina, angeke aMemukele.” Niyabo, bathi uNkulunkulu wayenguYise; Wathi, “Uyihlo nguDeveli.”

167 Ngakho, niyabo, ufanele ukuhloniphe futhi ukukholwe, ukholwe ukuthi Ukhona. Yebo, uMarta wakukholwa.

168 Futhi yileyonto encane engiyishayile kulokhu ukusa, lowo wesifazane waseSirofenike ngalesosikhathi ngenkathi enyuka. Bukani ukuthi wenqatshwa kanjani, kamuncu. Wayelapho, iJuda; yena wayengoweZizwe, futhi wagijima wenyukela

kuYe. Wayengazi ukuthi kusondelwa kanjani kuYe, kodwa wayenesidingo, futhi wayazi ukuthi WayeyileyoNdodana kaNkulunkulu. Wakukholwa. U. . . Uma—uma uNkulunkulu wayekwazi ukuphendula umkhuleko waKhe kwabanye, Wayezowuphendula umkhuleko wakhe. Futhi wayazi ukuthi Akushilo kwakuyiZwi likaNkulunkulu. Uma kwakuyiZwi likaNkulunkulu kumaJuda, kwakuyiZwi likaNkulunkulu kwabeZizwe, futhi, noma ngabe yini Ayishilo. NoJesu umnika isivivinyo. Wathi, "Nkosi, ngiwahukele!" Manje bhekisisani. Qhabo, Wathi. . . "Ndodana kaDavide," ngoba wayekade ewazwile amaJuda ethi, "Ndodana kaDavide." Manje, Wayengesiyo iNdodana kaDavide kuye. Niyabo? Futhi Wathi. . . "Ndodana kaDavide!" Leyo kwakuzoba yindlela iJuda elalizosondela ngayo kukho, ngoba wayekade ewezwile onke amanye. Wazama ukuza njengoba enza, ngoba wayezama ukuthola izinhlonipho. Wayezama ukukhombisa izinhlonipho zakhe. Futhi wayengacabangeli nje; uJesu wayezokwazi uma kwakunjalo. Qhabo, Wayezokwazi. Ngakho lapho enyuka, wathi, "Ndodana kaDavide, hawukela indodakazi yami, ngoba ikhwelwe kabi ngokwehlukene yidemoni."

169 Waphenduka wayesembheka, wayesethi, "Akukuhle kiMi ukuthatha isinkwa sabantwana, futhi ngisiphonse ezinjaneni." Wewu! Kwakungesikho lokho na? Lokho kwakuyikho! Akusikho kuphela ukuthi wasenqaba isicelo sakhe, kodwa wambiza nge "nja." Kunjalo. Nenja ingelinye lamagama aphansi kunawo onke iBhayibheli elinawo, niyazi. Ngakho Wathi, "Akukuhle kiMi ukuthatha isinkwa sabantwana, futhi ngisiphonse ezinjaneni."

170 Wathi, "Yiqiniso lelo, Nkosi." "Nkosi," wayeseyakuthola-ke. Wayengesiyo iNdodana kaDavide kuye, kodwa WayeyiNkosi. Wathi, "Qiniso, Nkosi. Kunjalo, kodwa abantwana badla okulahliwe phansi kwe. . . Noma, ngiqonde ukuthi, i—izinja zidla okulahliwe phansi kwetafula lomninizo." Lokho kwakuthola. Lokho kwakuyikho. Leyo kwakuyinhlonipho.

171 UJesu waphendukela kuye, wathi, "Kukhulu ukukholwa kwakho. Manje hamba uye ekhaya, uzofumana indodakazi yakho njengoba nje ukukholiwe." Yilokho-ke. Ngani na? Kwakungukusondela kwakhe.

172 Ukuba-ke wayephenduke wayesethi. . . Waphenduka, wathi, "Akukuhle kiMi ukuthatha. . . " Ngamany'amazwi, "Akufanele."

173 Awusho, iKatolika liyenyuka selithi, "O, Mfowethu Branham, ngiyazi uNkulunkulu uyayizwa imikhuleko yakho ngalababantu lapha. Ungangikhulekela na?"

174 Futhi bengizothi, "Awu, akulungile kimi ukuthatha lezi isikhathi sabantwana phezulu lapha. Ngilapha ukuba ngikhulekele lamaPentecostal, hhayi nina sigejane samaKatolika." Niyabo? Wayeyothini na? O, ndoda, ngibona

sengathi wayeyogqishazela aphume lapha njengayo yonke into. Niyabo?

175 Kodwa waphenduka wayesethi, "Yiqiniso lelo, Nkosi. Yiqiniso lelo, Nkosi. Kodwa si—siyavuma uku, izinja ziyavuma ukudla okulahliweyo phansi kwetafula loMninizo."

176 Niyabo, lokho kwaMbamba masinya impela. Waphenduka wayesethi, "Kukhulu ukukholwa kwakho." Futhi-ke sithola olunye udaba . . . Niyabo, kwakungukusondela kwakhe, izinhlonipho zakhe. Wayehlonipha uNkulunkulu njengoba wayehlonipha Yena.

177 Ngakho siyathola ngesinye isikhathi kwakukhona umRoma, futhi wayeyindoda edumileyo, futhi wayewathanda amaJuda. Futhi wayenenceku eyayigula. Yena uqobo, akazizwelanga efanele ukuhamba ayocela uJesu.

178 Niyabo, ufuna njalo ukuzizwa umncane kunalokho oyikho. Ungalokothi ubemkhulu ngokuzibonela kwakho. Niyabo? Manje, futhi uma umkhulu, makube ngomuny'umuntu okushoyo ngawe. Niyabo? Kodwa manje uma u, lona wesifazane noma . . .

179 Lendoda, njalo, yathi yayiyinduna yekhulu yamaRoma futhi yayinenceku egulayo, ngakho yathumela ukuba ithole lenceku egulayo ukuba iphiliswe. NoJesu wathi, "Ngizoza ngiyiphilise."

180 Ngakho Esendleleni, umRoma waMbona eza. Sengathi wathi, "O, he, nangu Lowo oNgcwele eza. Nangu Lowo oNgcwele eza. Awu, ngingoweZizwe ongabalwa. Ngi—ngi—ngiyinduna yekhulu engumRoma, ngingujenene, noma—noma isikhulu. A—a—a—angisuye ngempela umJuda, anginalungelo lokuba lowoMuntu oNgcwele eze." Niyayibona inhlonipho na? Niyabo? "Anginalo ilungelo lokuba naleyoNceku eNgcwele kaNkulunkulu ukuba ize endlini yami."

181 WaMbona eza emnyango, wayeseMbiza, wathi, "Nkosi, a—angifanele ukuba Ungene phansi kophahla lwami." Mhlawumbe wayenekhaya eliyisigodlo senkosi, induna yekhulu. Wathi, "Angifanele ukuba Ungene phansi kophahla lwami. Futhi a—angizicabanganga ngifanele ngisho ukuza kuWe, ngakho ngithumele abanye babantu baKho—baKho uQobo ababusisiweyo, amaJuda. Kodwa nginenceku lapha egula kakhulu." Futhi wathi, "Ngingumuntu ophansi kwamakhosi," wathi, "Ngithi kulelibutho, 'Hamba,' lihambe. Ngithi kuleli, 'Woza,' lize."

182 Wathini lapho na? "Ngiyazi ukuthi Unawo onke amandla. Ungathi kulesisifo, 'Hamba,' sihambe. Futhi Ungathi kulesi, 'Woza,' futhi siyoza." Niyabo, waqonda. Futhi njengoba wayenegunya phezu kwalamabutho, kanjalo uJesu wayenegunya phezu kwakho konke ukugula nezifo. "Into kuphela Ofanele uyenze, Nkosi, ngukuba nje ukhulume iZwi!" Yilokho-ke! "Khuluma iZwi nje, inceku yami izakuphila."

UJesu wama, waphendukela kulawomaJuda, wathi, "Angizange ngifumane ukukholwa okunjalo phezu kukaIsrayeli."

183 Wathi, "Sekulungile encekwini yakho manje." Amen. Ngani na? Ngoba wakuhlonipha. Wahlonipha uJesu Kristu Owayengu—nguNkulunkulu waseZulwini.

184 Manje, ngiqagele kuya ngokuba leyithi. Ngifuna ukusho nje enye into eyodwa, yile. Zonke lezozinhlonipho ezinkulu, kanjalonjalo; kodwa namhlanje, ngandlela thize, kwehlukile. UNkulunkulu angenza into ethize namhlanje, nabantu bayoyihleka. Ngikholwa ukuthi ngabe sehlukile namhlanje, cishe eminyakeni engamashumi amane edlule ngenkathi uMoya oNgcwele kuqala uqala ukwehla, kodwa abantu benzani na? Bavalela abashumayeli, bababiza ngabagingqiki abangcwele. Baphumela e. . .Bengabondli ngisho nasemadolobheni, nayo yonke into kanjalo; futhi babephula ummbila emizileni yemigwaqo kaloliwe, ukuba baphile ngawo. Benzani na? Babaneminye iminyaka engamashumi amane, ibandla libe nayo, lihlupheka, ledlula kuyo yonke into, izimpi ezimbili kulesosikhathi esingako, niyabo, ibulale yabhuqa izinkulungwane zawo; ngenkathi, mhlawumbe ngabe kade laya eKhaya.

185 Manje, bekuyokwenzekani, lapho uNkulunkulu eqala ukuthulula uMoya oNgcwele phezu kwebandla ngezinsuku zokugcina, bekuyokwenzekani eminyakeni engamashumi amabili-nanhlanu edlule lapho Eqala ukwehlisa izibonakaliso zaKhe nezimanga nezimangaliso, bekuyokwenzekani uma abantu bonke bebebuthene na? Benzani na? Bathi, "Yishwa, yisiphoso, ungumfundi wengqondo, uyi *lokhu, lokho,* noma *okunye*." Ukuba-ke zonke izizwe bezihambe ndawonye futhi zathi, "Malibongwe iGama leNkosi"? Ukuba-ke amaMethodisti namaBaptisti, namaPresbyterian nawo onke, abejoyine izandla ndawonye ayesethi, "Siyabonga Nkulunkulu, nakhu ebesikubhekile. UMoya oNgcwele uyathululwa. Ngani, nanka amadoda ebona imibono, nampa abaprofethi phakathi kwethu, nasi—nazi zonke leziziphiwo ezinkulu lapha, abakhuluma ngezilimi, nampa abaphilisa ngokukaNkulunkulu, nansi yonke into ithululelwa phezu kwethu. Akabongwe uNkulunkulu, kufika ngesigejane esincane esithobekileyo esibizwa ngamaPentecostal. Sonke asibuyele eBhayibhelini futhi. Asibuyele emuva, bazalwane, sihlakaze izinhlangano zethu, futhi sonke sibe ngumfowethu oyedwa"? Amabandla amakhulu ngakho konke engahlangana ndawonye, bekungenzekani na? Mfowethu, bekungeke kubekhona ngisho nesidingo sesibhedlela ezweni namhlanje. Kunjalo. Qhabo, bekungabakhona iziphiwo ezinkulu ezinamandla kangako nezimanga zisebenza phakathi kwabantu, bekuyobakhona enkulu inhlonipho, futhi mhlampe

ibandla belingabe selihambile laya eKhaya nesikhathi seminyaka eyiNkulungwane sesikhona.

186 Kodwa, qhabo, abakuhloniphanga. Bababiza ngabagingqiki abangcwele. Amaphephandaba ayelindele ukusho konke okunyundelayo, into engcolile ayengayisho, futhi abeke lonke ulinyana olungcolile kukho angakwenza, nezinto ezinjalo, namabandla akhalisa okwembongolo futhi akuhleka, futhi—futhi ahlekisa ngabo, futhi abaxosha futhi azama ukubagcina bengaphandle kwamadolobha, nakho konke okunye, ngokungabi nazinhlonipho. Manje, bengingasho inqwaba ngalokho, kodwa kuya ngokuba leyithi.

187 Ake ngize kwiTabernakele kaBranham, ngiyacela. Manje uNkulunkulu uqala ukuthulula iziphiwo phezu kwethu. Siyasibona. Manje, yini isiphiwo sikaNkulunkulu namhlanje na? NguMoya oNgcwele, SinguMoya oNgcwele okithi. Sifanele ukuwuhlonipha Lowo. Sifanele siWuhloniphe phezu kwawo wonke umuntu Ofika phezu kwakhe. Sifanele sinike... eziphiweni zikaNkulunkulu zaPhezulu. Nxa Ethumela lezoziphiwo, akunandaba ukuthi ziyiqiniso kangakanani, soze kwasisiza size sifike endaweni size sikwazi ukukuhlonipha. Umuntu anganikeza isiprofetho; uma ungakholelwa kulesosiprofetho, asisoze sakusiza ngalutho. Ufanele ube nenhlonipho yokuzithoba futhi ufanele usihloniphe. Ufanele ukholwe ukuthi sivela kuNkulunkulu.

188 Sikholwe size sifakazelekile ukuthi siyiphutha. Bese kuthi uma sesifakazeleke ukuthi siyiphutha, khona-ke unelungelo lokungasikholwa, khona-ke ungabe usazihlanganisa naso. Kodwa inqobo nje uma sifakazeleka ukuthi siyiqiniso, khona-ke sikholwe.

189 NjengoSamuweli omdala washo ngalelolanga ngenkathi befuna inkosi. Wathi, "Ngifuna ukunibuza into eyodwa. Sengake ngayithatha yini imali yenu kini na? Sengake ngakucela yini kini okokuziphilisa na? Noma, sengake nganitshela noma yini eGameni leNkosi alwangafezeka na?" Wathi, "Anidingi-nkosi, futhi inkosi yenu ngeke inisize ngalutho." Futhi wabatshela. Wabalethela umbuzo, wathi, "Sengake nganitshela noma yini njengo ISHO KANJE INKOSI akwangenzeka na?"

190 Manje, manje-ke abantu abamhloniphanga uSamuweli. "O,siyazi, Samuweli. Kunjalo, wena, ngeke sasho ukuthi awukaze usitshele noma yini...okwakuyiqiniso, kodwa, kodwa noma kunjalo sifuna ukukwenza nga *le* ndlela." Niyabo? Anifanele nikwenze lokho. Nifanele nikwenze ngendlela kaNkulunkulu.

191 Uma semukela uMoya oNgcwele, akusikho ukuxhawulana nomelusi. Ukwemukela uMoya oNgcwele kungukwemukela uKristu angene kuwe, ngoba UyisiThunywa sikaNkulunkulu sosuku. UMoya oNgcwele uyisiThunywa sikaNkulunkulu, futhi

sifanele siWuhloniphe, Uma Efika, ungasho ukuthi, "Hii! Hii! Hii! Buka lowo wesifazane ememeza lapho, futhi ekhala, izinyembezi zehla ezihlathini zakhe. Buka lowo wesilisa lapho, eqhaqhazelisa izandla futhi ethuthumela futhi ekhala. Niyazi ukuthi yini leyo na? Leso yisigejane samadlingozi asetshenziwe." Uhlambalaza uMoya oNgcwele. Ufanele uwuhloniphe Lowo.

192 Khumbulani, lapha esikhathini esithize esedlule ngangiseOregon, cishe, sekube cishe yiminyaka eyishumi nambili eyedlula. Futhi izintatheli ezingamantombazane amancane amabili ezingamaKatolika ziyeza ziyehla. Hhayi ngoba zaziyiKatolika, akukho lutho olungaphezu kwalokho; ngoba ngibe nje namaningi impela amaProtestane, namaningi amaProtestane kunoma nginamaKatolika, ukuba ahlekise ngami. Futhi—futhi—futhi ngakho lamantombazane ayeza ayehla ukuba anikeze umbiko. Ngakho kwathi nje angangena lapho, ngawubamba umoya masinyane nje lapho engena, ngase ngithi, "Kulungile, manje yikuphi ukugxeka eninakho emkhonweni wenu manje na?" Nalentombazane yahosha usikilidi yase iqala, ngase ngithi, "Ungawulayidi nje lowo usesendlini yami yezingodo. Uyeke nje."

193 Ngakho yahlala lapho kancanyana, yase ingibuka kwaba sengathi ingagijima idabule kimi kanjalo, yase iqala ukukhuluma okuthize. Yathi, "Awu, ngifuna ukukubuza imibuzo ethize."

Ngathi, "Shono."

194 Yathi, "Kwenzeka kanjani ukuthi uxhumane nalesisigejane sabagingqiki abangcwele phezulu lapha na?" Yathi, "Ungomunye wabo na?"

Ngathi, "Ngingomunye wabo."

195 Yayisithi, "Awu, uqonde ukungitshela ukuthi ingaba khona into enokumesaba uNkulunkulu ngalokho na?"

Ngathi, "Manje, wena njengeKatolika ungeke wakukholwa."

Yathi, "Wazi kanjani ukuthi ngiyiKatolika na?"

196 Ngathi, "Ngiyakwazi ukuthi uyiKatolika. Ngizokutshela ukuthi ungubani igama lakho, uyabo, nokuthi ungubani." Lokho kwayisusa izinyawo zayo.

197 Yathi, "Awu, uqonde ukungitshela ukuthi lolohlobo lwabantu, bathi, luzophila lapha emhlabeni futhi lube seZulwini na?" Yathi, "Ngingefune ukuba seZulwini nabantu abanjengalabo."

198 Ngathi, "Awudingi ukuthi ukhathazeke kakhulu. Inqobo nje uma ucabanga ngaleyondlela, ungeke ube lapho, empeleni, uyabo." Ngathi, "Ungeke ube nokukhathazeka ngalokho."

199 Ngavele ngama, ngayibuka ebusweni ngqo. Naba—bazalwane abathi ababe babili babehlezi endlini. Ngathi, "Angisheshi ukuthukuthela. Ngi—ngifuna nje ukukwazisa ukuthi umi kuphi, uyabo." Ngase ngithi, "Uzobhala, ufuna ukuphuma lapha ukuba uthole into ethize, futhi soze wakubhala engikutshele khona. Uzokwenza kube yindaba okungeyakho nje. Qhubeka wenze lokho, kodwa ngifuna ukukutshela into eyodwa. Bhala noma yini engukuhlambalaza okufunayo, futhi," ngathi, "ngaphambi kokuba ufe, iphimbo lami liyobuya limemeze ezindlebeni zakho. Uma lingakwenzi, khona-ke uyazi ukuthi ngingumprofethi wamanga." Ngathi, "Manje, bhala nje noma yini ofuna ukuyibhala, kukuwe. Ngikunika inkululeko ukuba uhambe ubhale lokho ofuna ukukubhala. Kodwa ngaphambi kokuba ufe, uyolizwa iphimbo lami limemeza kakhulu ezindlebeni zakho. Akuyikukusiza ngalutho." Ngathi, "Manje qhubeka futhi ubhale lokho ofuna ukukubhala."

200 Yama lapho kancanyana. Yathi, "Awu, ucabangani ngalesosigejane esinobulima phezulu lapho, simemeza kakhulu futhi siqhubeka izolo ebusuku na?"

Ngathi, "Bonke bangamaKristu."

"UmKristu?"

201 Ngathi, "Impela, bangamaKristu." Ngathi, "BangamaKristu, agcwaliswe ngoMoya oNgcwele."

Yayisithi, "Lowo akusiwo uMoya oNgcwele."

202 Ngathi, "Ubungawubiza ngokuthini uMoya oNgcwele na?" Ukubona ukuthi yayizothini ngakho. Ngathi, "Ngithanda ukukutshela into ethize."

203 Yathi, "Awu, ngeke ngafuna ukuzimatanisa nesigejane esinjalo."

204 Ngathi, "Angicabangi ukuthi kukhona ingozi enkulu," ngathi, "yakho ukuba uke uzimatanise kanjalo." Ngathi, "Ngoba, uma uke waze wazimatanisa noNkulunkulu kumbe nanoma yimuphi wabangcwele, ubuyozimatanisa kanjalo."

Yathi, "Abangcwele baseBhayibhelini na?"

205 Ngathi, "Yebo." Ngathi, "UMariya wenu 'obusisiweyo,' enimbiza kanjalo, ongunkulunkulukazi wenu," ngathi, "ngaphambi kokuba uNkulunkulu aze amvumele eze eZulwini, wadingeka ukuthi akhuphuke ngoSuku lwePentekoste futhi wemukela uMoya oNgcwele, futhi wabhadazela phansi kwaMandla kaNkulunkulu njengowesifazane odakiweyo."

Yathi, "Amanga lawo."

206 Ngathi, "Awuthule umzuzwana nje." Ngaphenya ngapha eNcwadini, ngase ngithi, "Buka lapha," kwaphenywa. Ngathi, "Nakhu khona lapha eNcwadini." Yase iphendula ikhanda layo. Ngathi, "Awunaso ngisho nesibindi sokufunda

iZwi likaNkulunkulu." Niyabo? Ngathi, "Impela." Niyabo, ukungahloniphi. Ngathi, "Manje usungalisusa ipaki lakho losikilidi etafuleni lapho, bese uyahamba uma usulungele." Kodwa ngathi, "Ngifuna wazi into eyodwa. Bhala lokho ofuna ukukubhala, kodwa ukhumbule amazwi okugcina engiwashoyo, 'EGameni leNkosi, uyokukhumbula ngaphambi kokuba ufe.'" Ayizange ibhale lutho. Kunjalo. Yavele nje yakuyeka kanjalo.

207 Kuyini na? Ukungabi nazinhlonipho, ukuzama ukuhlekisa, benza into. Abazi ukuthi benzani. Kunjalo.

208 Kodwa lapha etabernakele, sifuna nonke ukuba nizazi lezizinto lapha. Uma uNkulunkulu eqala ukuthulula uMoya oNgcwele phezu kwabantu, ngezinye izikhathi ngiyazi ngibabonile abantu bengena enyameni ngenkathi be—ngenkathi bengaphansi kogcobo lukaMoya, ngibabonile beya kokwedlulele nezinto, kodwa ungasho lutho ngakho. Kuhloniphe, khothamisa ikhanda lakho. Ungahle ungakuqondi, kanjalo nami, kodwa ngifuna ukukuhlonipha, noma kanjani. Manje, sifanele sibe nezinhlonipho kuNkulunkulu. Futhi uma uNkulunkulu ethulula uMoya oNgcwele, ngivele ngibonge nje, ngithi, "NgiyaKubonga, Baba waseZulwini. Uwenzela into ethize lowayamphefumulo oligugu bandla ofuna ukuza eKhaya laKho, njengoba ngenza, ngeliny'ilanga.

209 Futhi ngibona indoda, njengalapha ngesinye isikhathi umfowethu osenkonzweni wathi ngakhuluma ngaye. Futhi sahamba futhi sathola onke amateyipu sase siwathumela kuye. KwakunguMfowethu A. A. Allen. Futhi wathi ngahlekisa ngaye ekhuluma ngegazi liphuma esandleni sakho futhi—futhi ebiza lokho ngokuthi kungubufakazi obubonakalayo bokuqala bokuba noMoya oNgcwele, futhi—futhi ngikholwa ukuthi kwakuyigazi namafutha kuphuma ezandleni zakhe nasesiphongweni, nezinto. Wathi lokho kwakuyi—kwakungukuthi ngahlekisa ngalokho futhi ngamtshela ukuthi kwakungokukaDeveli. Ngathumela impendulo, ngambhalela incwadi, ngathi, "Mfowethu Allen . . ." Wabhala isiqephu futhi na—nasifunda, "Mfowethu Branham othandekayo." Niyabo? Futhi ngakho kwase kuthi-ke ekhipha izincwajana ezweni lonke, esikhundleni sokuza futhi abone mina mayelana nakho, wenza lokho.

210 Kodwa manje nakhu engakushoyo, ngathi, "Ngizothatha bonke ubusuku obuyisithupha ePhoenix, bese ngikuthumela amateyipu ami bese ngikukhombisa." Abakwenzayo oLeo, futhi bathumela amateyipu kubo. Ngathi, "Yisikhathi esisodwa kuphela igama lakho elabizwa khona. Abantu babeka phezu kwedeski lami, base bethi, 'Mfowethu Branham, uMfowethu Allen kade esedolobheni nje futhi wasitshela ukuthi "ubufakazi obubonakalayo bokuqala bokuba noMoya oNgcwele kwakungukopha igazi ezandleni nokopha igazi ebusweni,

namafutha ehla esandleni sakho, lobo kwakungubufakazi obubonakalayo bokuqala.”'”

211 Ngathi, “Ngiyaphikisana noMfowethu Allen phezu kwalokho kungubufakazi obubonakalayo bokuqala bokuba noMoya oNgcwele, ngoba kwakungekho-ndawo eBhayibhelini lapho abake bopha khona igazi ezandleni, na—namafutha ephuma ebusweni babo nezandla, ukufakazisa ukuthi babenoMoya oNgcwele.” Ngathi, “UMoya oNgcwele wawungaMandla kaNkulunkulu ezimpilweni zabo. NoJesu wathi, ‘Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo,’ niyabo. ‘NgeGama laMi bayakukhipha amademoni,’ kanjalonjalo.” Kodwa ngathi, “Nansi into eyodwa engingayisho ngoMfowethu Allen, uyindoda enkulu kaNkulunkulu. Futhi uma bengingashumayela kahle impela njengoba bekwenza uMfowethu Allen, bengingeke ngibe nenkonzo yokuphilisa, bengiyoshumayela iVangeli nje.”

212 Manje-ke, niyabo, emva kokuba esekweneke ephepheni lokho nakho konke, ukuthi “Ngakwenza lokho,” kulokho nje okwakushiwo ngomuny'umuntu. Kodwa ngisho noma ngaphikisana nomfowethu phezu komcabango wakhe ongenabufakazi, impela ngingefune ukuhlambalaza umfowethu.

213 Kwase kuthi-ke ngimi khona lapha, phezulu lapha eMinnesota, ngalobo busuku, eMinneapolis, eMinnesota, futhi kwakulapho kulelohlalabhishobhi elikhulu, ithempeli, noGordon Peterson. Nalomfo owabhala lelobhuku eliphikisana no A. A. Allen, futhi washo yonke into ngaye enokushiwo, wayesethi, “Waze waba ngisho nesibindi sokubhala lelobhuku elithi *Odeveli abaLumayo*, mayelana nalowo wesifazane, ekhombisa imisalela ezandleni zakhe lapho udeveli amluma khona, nezinto ezinjalo.” Manje impela ngi—ngi . . . (angazi noma lokho kungaba yiqiniso noma qha, ngoba udeveli ungumoya, niyabo; kodwa lona wesifazane wathi kwakungudeveli omkhulu onoboya ufika uyamluma kuzo zonke izandla naphezu kobuso bakhe, nakho konke kanjalo.) Wayesethi, “UA. A. Allen wabhala lelobhuku.” Nendoda eyabhala ibhuku, yabhala udatshana olumnandi ngami, futhi lapha yayihlezi khona lapho emhlanganweni ngalobo busuku (ngenkathi oMfowethu Peterson befika bengitshela, nanso ihlezi), futhi yayiqhosha ngami, futhi yehlisa uA. A. Allen.

Ngacabanga, “Nasi isikhathi sokuba ngithathe uhlangothi lukaMfowethu Allen.”

214 Ngakho ngahamba ngaphumela lapho, ngase ngithi, “Bengifunda lapha udatshana ephepheni namhlanje ukuthi lendoda ethize esedolobheni, hhayi . . . ” Ngazi ukuthi yayihlezi ithe qelele khona lapho. Ngathi, “Isho lapha ukuthi uA. A. Allen, nakho konke ukugxeka.” Ngathi, “Nakuba ngiyithokozela

indoda isho okuncomekayo ngami lokho ekwenzile," ngathi, "ukuthi ngangingaphumeli yona imali nezinto ezinjalo, futhi ngabamba imihlangano ehlanzeke ukwedlula konke yanoma yimiphi eminye, kanjalonjalo, izinto ezinhle ezishilo." Ngathi, "Ngiyakuthokozela lokho. Kodwa uma leyondoda ebhale loludatshana lapha ephepheni, ingazange iwahlole amanothi ayo ngokusondele kakhulu okwedlula ukuthi uA. A. Allen wabhala leli elithi *UkuLuma koDeveli*. UA. A. Allen akazange alibhale lelobhuku. Ngiyayazi indoda eyalibhalayo." Ngathi, "Akazange alibhale ibhuku nhlobo. Futhi uma indoda ingazange ihlole phezu kodatshana lwayo ngokusondele kakhulu kunalokho, ngiyangabaza ukuthi konke okunye esike yakusho ngoMfowethu Allen kuyiqiniso." Ngithathe uhlangothi lukaMfowethu Allen. Ngase ngithi, "Ngaphandle kwalokho, uma uMfowethu Allen ubengaba sephutheni, ngingaqoka ukufunyanwa eNkantolo yokwaHlulelwa ngithatha isinqumo sami noMfowethu Allen ephutheni, uma ezama ukuzuza imiphefumulo kuKristu, konokugxeka lokho indoda ezama ukukwenza." Amen. Kunjalo. Yebo, mnumzane.

215 Noma ubani obiza iGama likaJesu Kristu, ngikanye naye noma ngabe uyiProtestane, iKatolika, kumbe noma ngabe uyini. Ngi—ngingahle ngiphikisane naye phezu kwesayense yezenkolo, kodwa ngifuna ukumhlonipha njengenceku kaKristu nanjengomfowethu. Niyabo? Futhi akunandaba ukuthi wenzani, sifanele ukunikeza izinhlonipho kuMoya oNgcwele. Kunjalo impela. Yebo, mnumzane. Futhi uma sifika ekwenzeni lokho, khona-ke uNkulunkulu uzohamba ayothulula izibusiso zaKhe phakathi kwethu. Thina nje, iqembu elincane khona lapha, cishe amashumi amahlanu noma amashumi ayisithupha, noma mhlawumbe abantu abangamashumi ayisikhombisa-nanhlanu behlezi phakathi lapha kulobubusuku, ukuba nje besizothi, sonke kanyekanye, sizibophe thina uqobo ndawonye futhi sinikeze izinhlonipho zokukhonza kuNkulunkulu nakuMoya oNgcwele, nalokho Akwenzayo kulolusuku, futhi sihloniphe sonke isiphiwo naso sonke isikhundla Asithumela phakathi kwethu, uNkulunkulu uzovele nje aqhubeke nokuba athulule uMoya waKhe phezu kwethu futhi sizokhula ngezibalo futhi sande. Anikukholwa lokho na? Impela. Sifanele sibe nezinhlonipho kuNkulunkulu.

216 Asikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje senzele umkhuleko. Ngaphambi kokuba siye emkhulekweni, ngizothanda ukwazi uma ekhona noma ubani phakathi lapha ozothanda ukuthi, "Mfowethu Branham, ngifuna ungikhulekele, ukuthi ngizoba nezinhlonipho ezinkulu zikaNkulunkulu, ukuthi ngizohlala njalo ngikwazi ukugcina umlomo wami uvaliwe ezintweni eziphikisana noNkulunkulu, akunandaba ukuthi ziyini, futhi kwangathi uNkulunkulu angabeka enhliziyweni yami ukuba ngihloniphe sonke isiphiwo saPhezulu Asithumela

ebandleni." Ungaziphakamisa nje izandla zakho, bese uthi, "Ngikhulekele." UNkulunkulu anibusise. Cishe sonke isandla ebandleni, nginesami siphakeme, naso.

217 Nkulunkulu, ngisize ukuba ngibe yinceku yaKho. Ngisize ukuba ngihloniphe abafowethu, ngisize ukuba ngihloniphe odadewethu. Futhi wonke uMoya kaNkulunkulu ongena emhlanganweni, noma ngabe kungukukhuluma ngezilimi, noma ngabe kungukuhunyushwa kwezilimi, noma ngabe kuba yisiprofetho, noma ngabe kuba yiziphiwo zokubona okufihlakeleyo, noma ngabe kuyini, ngithi, "O Nkosi Jesu, zithumele. Zithumele, O Nkosi. Ngiyabonga kuWe."

218 Manje, Baba waseZulwini, siyazi ukuthi Wena unguNkulunkulu omkhulu nowesabekayo. Siyazi ukuthi ulaka lwaKho luyesabeka. Uma Uke wavukwa wulaka lwaKho, ngani, luyi—luyinto esabekayo. Ulaka lukaNkulunkulu lungabhubhisa izwe ngomzuzwana. Kodwa uma Ubuka phansi phezu kweGazi leNkosi uJesu, khona-ke ulaka lwaKho luyasuswa. O, ngifihle ungimboze eDwaleni lemiNyaka! Nkosi Nkulunkulu, gcina umphefumulo wami umbozwe ngeGazi leNkosi uJesu. Kungabi ngowami kuphela, Nkosi, kodwa leyo ephakathi lapha, nayo, kulobubusuku. SiyaKuthanda, Nkosi. Naso sonke isiphiwo Osiphe sona, nakuba bangasibiza nganoma yini abafuna ukuyenza, Nkosi, lokho kusayolokhu kunga . . . angikufuni lokho kube nento eyodwa okuyenzayo ngakho, sisalokhu siKuhlonipha, Wena omkhulu, Moya oNgcwele omkhulu. SiyaKuthanda, Baba.

219 SiyaKubonga ngesiphiwo sokuphilisa phakathi kwethu. SiyaKubonga ngesiphiwo sesiprofetho phakathi kwethu. SiyaKubonga ngesiphiwo sezilimi, nesiphiwo sokuhumusha. Futhi, O Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi Uzoqhubeka nokuthi uthumele iziphiwo phakathi kwethu, iziphiwo zikaMoya oNgcwele omkhulu. Phezu kwezinto zonke, Nkosi, singukuthokoza okukhulu ukwedlula konke esinakho enhliziyweni yethu ngokwalesosiPhiwo esikhulu esenele konke, sikaJesu Kristu. SiyaKubonga ngomusa waKhe nesihawu saKhe, Owenza zonke lezi ezinye izinto ezincane zisifanele ngokuhlupheka kwaKhe kokubambela nokopha igazi eKalvari. Ungcwelisa abantu abejwayelekile oMzwayo ngokuthokoza.

220 Futhi, Nkosi, sijabula kakhulu ukuthi Uza kubantukazana. EBhayibhelini, eNcwadini kaLuka oNgc., sifunda ukuthi, "Abantukazana baMuzwa ngokujabula." Namhlanje bathi, "O, leso isigejane esiwuntukazana nje." Kodwa, Nkosi, leso yisigejane esaKuzwa ngenkathi Ulapha enyameni. Abantukazana baKuzwa ngokujabula. Abaqhoshayo, izicebi, nabaningi balabo babengaKuzwa. Amakhosi, amakhosi amakhulu, abapristi bosuku, babengaKuzwa. Kodwa abantukazana ngokujabula baKwemukela.

221 Futhi, Baba, kulobubusuku, singabantukazana, futhi siKwemukela ngokujabula. Siyajabula njengoba babenjalo ngenkathi bebuya bethokoza, futhi becabanga ukuthi kwakuyinto eyisimangaliso, futhi bejabule ngoba babekwazi ukuthwala ihlazo leGama laKhe, ngenkathi bebathela ngehlazo futhi bebabiza ngazo zonke izinto. Futhi babejabule kakhulu, ngoba kwakuyinhlanhla kubo ukuhluphekela iGama likaJesu Kristu. Baba, Nkulunkulu, sizijoyina kanye nabo abafundi bangalolosuku, futhi sithi, "Siyajabula."

222 Ngimi kulobubusuku njengoPawulu oNgcwele wasendulo, ngenkathi ema phamba kuka-Agripha, futhi wathi, "NgeNdlela abathi yedukile, ukuhlanya, yileyondlela engikhonza ngayo uNkulunkulu wawobaba bethu."

223 Futhi ngenkathi uAgripha ethi, "Pawulu, ukufunda okuningi kakhulu kukuhlanyisile."

Wathi, "Angihlanyi, Agripha."

224 Futhi ekugcineni wafika endaweni, wathi, "Kusilele kancane ungivumise ngibe ngumKristu."

225 Wathi, "Bengingafisa ukuba ubenjengami, ngisho ngaphandle kwalamaketango nesibopho."

226 O Nkulunkulu, uthando olunje uPawulu ayenalo, wathi wayengaba ngoqalekisiweyo, ukuze abantu bakhe basindiswe. O Baba, Nkulunkulu, siphe uthando lomunye nomunye kanjalo. Siphe lolothando olungafiyo, lokho kuhlonipha, lokho kuhloniphana, ukuba ngumKristu ngokwenele ukuba singawanaki amaphutha omunye nomunye, ukuba singawanaki. Ngoba umuntu ubusiswe nguNkulunkulu; futhi angalenza iphutha. O Baba, masingabuki lelophutha, sazi ukuthi lowo ngumfowethu oligugu mhlampe uSathane amcuphele entweni ethize. Kodwa uma ekwenzile, siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzomsiza owesilisa noma owesifazane aphume kuleyondawo, ukuthi sizoba nothando ezinhliziyweni zethu ukuba siyofuna izimvu ezilahlekileyo futhi sizibuyisele esibayeni. Siphe khona, Nkosi. Sithethelele iziphambeko zethu, njengalokhu nathi sibathethelela abaneziphambeko kithi. Siphe khona, Nkosi. Ungasiyisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowaKho, namandla, nobukhosi, kuze kube phakade. Amen.

[UMfowethu Neville unikeza umlayezo wesiprofetho—Umhl.]

227 Amen. Amen. Amen. SiyaKubonga, Nkosi. SiyaKubonga, Baba. SiyaKudumisa, O Wena oNgcwele. Wena ukhazimula kangaka, Baba! SiKubonga kakhulu, Nkosi! Kuyinduduzo enjani pho ukuzwa uBukhona bukaMoya oNgcwele futhi siMuzwe ekhuluma ngezindebe zomuntu, kithi, eqinisa ukuthi Usalokhu ehlezi enguNkulunkulu, futhi uphakathi

kwethu. SiyaKubonga ngalokhu, Baba. Qhubeka nathi, Nkosi. Sibekezelele, ukuze sibe ngabantu baKho. NgoJesu Kristu siyakucela. Amen.

228 Akumangalisi ukuba ngumKristu na? Akumangalisi ukwazi uNkulunkulu nokwazi uBukhona baKhe na? Ukucabanga ngenamuhla, manje, ukuthi Ukwenze kanjani lokhu ngisho nangokwesibili. Namhlanje U—Ukhulume kudadewethu lapha, ungena ekulokho kuKhanya njengoba Enza, futhi wakhuluma kubo ngoba babewukholiwe uMlayezo. Uyajabulisa kakhulu, Akanjalo na? AniMthandi na? Bangaki abaMthandayo ngayo yonke inhliziyo yenu, ngawo wonke umphefumulo wenu na? Uyamangalisa. Manje asisukume ngezinyawo zethu, lapho sicula leloculo elidala elimnandi sonke esilithandayo.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

229 O, Akamangalisi na? Omangalisayo! Manje, khumbulani inkonzo ngoLwesithathu ebusuku. Bese kuthi-ke, uma iNkosi ithanda, ngizoba lapha ngeSonto elizayo futhi, iNkosi ithanda. Nisikhulekele iviki lonke. Njengoba sikhothamisa amakhanda ethu manje ngomkhuleko, ngizocela uMfowethu Neville, umelusi wethu, uma ezokhuphuka okwamazwi okugcina azoninika wona.

